# *UBUFAKAZI BOKUVUKA KWAKHE*

[Ibandla liyacula, *Kholwa Kuphela*—Umhl.] Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Sanibonani ekuseni, bangane. Kuhle ukuba lapha etabernakele futhi kulokhu ukusa, ukukhonza iNkosi uJesu. Lena inkonzo yethu yesibili kwabaningi bethu, namuhla. Besilapha ekuseni kakhulu, kulokhu ukusa, futhi iNkosi ihlangane nathi ngendlela emangalisayo. Futhi ngehla nje ukuzokhuluma nabantu imizuzu embalwa, futhi angizange ngilindele ngisho nokuba nendikimba. Futhi, into yokuqala niyazi, ngaqala ukushumayela. Futhi lapho saba ne—isikhathi esihle kakhulu, futhi sibonga iNkosi ngalokhu.

2 Manje, siyaxolisa, kulelitabernakele elincane lapha asinalo igumbi lokuhlala labantu okumele basukume kanjalo nje. Ngiyakuzonda lokhu, kabi kakhulu, kodwa yikho konke esingakwenza ngalesi sikhathi. Ngakho-ke sizozama ukuthi singanibambi isikhathi eside kakhulu; ukubingelela okuncane nje kwePhasika kini nonke. Futhi sizokhulekela abantu abagulayo, kulokhu ukusa, njengoba kwakhishwa. Futhi sengathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo kukho konke esikwenzayo, ngoba kungaleyonhloso esizele yona lapha, ukuthi uNkulunkulu uzohlangana nathi futhi asibusise.

3 Manje, inkonzo yakulobubusuku iyinkonzo yombhaphathizo. Nawe ongakabhaphathizwa ngokucwiliswa, futhi ufisa kanjalo ukwenza kanjalo, ngani, sizokumema lapha kulobubusuku. Wozani, nilungisile, futhi nize nezingubo zenu zombhaphathizo, ngokuba silindele inkonzo enkulu lapha kulobubusuku, ngendlela yombhaphathizo.

4 Futhi manje, namuhla, njengoba kuyiPhasika, futhi abaningi benu sebevele beyile, mhlawumbe, ezinkonzweni zenu siqu, noma lapha enkonzweni yokuphuma kwelanga. Siyajabula ukuba nawe kule ngxenye ye . . . yenkonzo yethu namuhla.

5 Kodwa ukuqhubeka nenkulumo encane yePhasika, kulokhu ukusa, sizoninakisa ngaleya eVangelini likaJohane oNgcwele, isahluko sa 21, namavesi le 3 nele 4. Bese-ke ngaleya kuMarku oNgcwele i . . . noma uLuka oNgcwele, njalo, amashumi amabili- . . . noma isahluko sa 49. Ngifisa ukufunda isikhashana nje. Okokuqala, uJohane oNgcwele 21.

> *USimoni Petru* wathi *kubo, Ngiya kodoba. Base* bethi *kuye, Nathi sihamba lawe. Base bephuma, bangena emkhunjini masinyane; futhi ngalobo busuku ababambanga lutho.*
>
> *Kodwa kwathi sekusile . . . weza, uJesu wema ogwini, kepha abafundi babengazi ukuthi nguJesu.*

6 Kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo kuleyongxenye yeZwi. Bese-ke, kuLuka ele 49. . . isahluko, futhi siqale ngevesi la 27.

> *Wayeseqala kuMose nakubo bonke abaprofethi, wabachasisela. . . yonke imibhalo izinto eziqondene naye.*
>
> *Base besondela emzaneni ababeya kuwo, yena wenza sengathi udlulela* ingcosana.
>
> *Kepha bamcindezela, bathi, Hlala nathi, ngokuba sekuzakuhlwa, nosuku seluphelile. Wangena ukuba ahlale nabo.*
>
> Futhi *kwathi,* be*hlezi nabo ekudleni, wathatha isinkwa, wasibusisa, wa*si*hlephula, wabanika* sona.
>
> *Asevuleka amehlo abo, bamazi;. . .*

7 Yeka ukuphambana! Indawo eyodwa, babengaMazi. Futhi lendawo, babeMazi, ngento ethize Ayenzile.

> . . .*wasenyamalala emehlweni abo.*
>
> *Base be*fika futhi *bathi* omunye *komunye,* Izinhliziyo *zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, esakhuluma nathi endleleni, futhi. . . usivulele imibhalo?*

8 Manje sizokhothamisa amakhanda ethu, okomzuzwana nje womkhuleko.

9 Baba wethu waseZulwini onomusa, siyaKubonga, kulokhu ukusa, ngalomcimbi omkhulu esinawo, ukubuthana ndawonye eBukhoneni bukaKristu, ekuvukeni; ukuba nalesi siqiniseko esigcwele senhlanganyelo yobuNkulunkulu, abahlanganyeli ekubethelweni kwaKhe, sabethelwa kanye naYe ezintweni zezwe, futhi savuka kabusha ekuPhileni okuPhakade. Futhi leli themba lilele ngaphakathi kithi manje.

10 Futhi njengomprofethi wasendulo, sithi, "Siyazi uMhlengi wethu uyaphila." "Ohlala njalo, ehlezi ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu; umPristi oMkhulu olungile, Lowo Oye wanambitha ukuhlupheka futhi ongasinxusela ekuvumeni kwethu." SiKubonga kanjani ngalokhu! Izinhliziyo zethu ziyavutha phakathi kwethu lapho sicabanga ukuthi sinaYe osimele, namuhla, eBukhoneni bukaNkulunkulu omkhulu noSomandla. Akafile, kodwa uyaphila, futhi uhlezi eBukhoneni baKhe. Futhi Ukhona wonke, yonke indawo, wazi zonke izinto, unamandla onke emandleni, angenza zonke izinto, wazi zonke izinto, futhi uhlala ekhona. SiKubonga kanjani ngaleliQiniso elikhulu nelikhazimulayo esilibambe ezifubeni zethu namhlanje, siLazisa kakhulu!

11 Futhi, phakathi Lapho, Angathintwa yimizwa yobuthakathaka bethu, ngokuba Wahlupheka ngenxa yethu, ethwele ukugula kwethu eKalvari. Sijabula kakhulu ngalokho,

ukukwazi namuhla, nokwazi isiqiniseko esiqondile esinaso manje. Yena uyaphila, esikhulumela, esithanda. Ngeke Uvume uBukhona baKhe buqhubeke nathi namhlanje, bukwenze iPhasika langempela!

12 Futhi, Nkulunkulu, kulabo abangakwazi Wena kulokhu ukusa, abangabafokazi, akamazi uKristu ovukweni, sikhulekela ukuthi Uzoza ngamandla amakhulukazi, esusa izono zezimpilo zabo futhi ebanika izinto ezinhle zikaNkulunkulu, esikhundleni salokho. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi lolusuku lungakhiqiza lokho ngawo wonke ongakholwayo oseBukhoneni bobuNkulunkulu.

13 Busisa zonke izinkonzo kuwo wonke amazwe, ezibanjwa namuhla njengesikhumbuzo salesisikhumbuzo esikhulu.

14 Manje siza inceku yaKho engasizi, Nkosi, njengoba sizinikela kuWe. Busisa wonke umuntu olapha. Futhi kwangathi, uma inkonzo isiphelile, kwangathi singasho njengalabo e-Emawuse ngalolosuku, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, njengoba Ekhuluma nathi endleleni na?" Siphe khona, Nkosi, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

15 Ekunakeleleni okungcwele kwesu elikhulu likaNkulunkulu laPhakade lensindiso, ukuthi kanjani ezikhathini ezedlule, ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu ukuba abe ngumkhonzi waKhe uqobo, Wamenza ngaleyondlela, ukuze akwazi. Wayeyoba nesifiso sokukhonza. Futhi kwehle njalo kuyo yonke iminyaka, umuntu ubelokhu efisa ukubuka ngale kwekhethini elilenga phakathi kwakhe nalapho eya khona.

16 Ngo-A.D. 603, ngenkathi inkosi yaseNgilandi ibhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu Kristu, ngu-Augustine oNgcwele. Ehlezi eziko elikhulu ngobunye ubusuku, esakhuluma naye ngoKristu, umzwilili omcane wandizela ekukhanyeni, wabhakuza kancane, wandiza waphuma. Futhi u-Augustine oNgcwele wathi enkosini, wathi, "Uvelaphi, futhi wayaphi na?" Wathi, "Yileyondlela wonke umuntu oza kulo mhlaba. Ungena lapha, ahambe ngonembeza omncane wemizwa, engazi kahle hle ukuthi uphumaphi. Futhi yinye kuphela iNcwadi engamtshela lapho eya khona, futhi leyo yiBhayibheli." Futhi, ngalokho, inkosi yaguqulwa futhi yanikela ukuphila kwayo eNkosini. Futhi, ngakusasa ekuseni, yena nabo bonke abendlu yakhe wabhaphathizwa eGameni leNkosi.

17 Umuntu esimweni sakhe semvelo, akakwazi—akakwazi ukuqonda izinto zikamoya. Bahlukaniselwa ngokomoya.

18 Futhi manje ngifuna nilalelisise ngangokunokwenzeka. Ngiyazi ukuthi kunzima, nina enimile, futhi niminyene ngendlela izethameli ezingayo. Kodwa zamani ukulalela iZwi, ngenxa yalabo abagulayo nalabo abaguliswa yisono;

ikakhulukazi labo abaguliswa yisono, kulokhu ukusa, futhi befuna ukuthola ukuthula.

19 Ukukhululwa kwesimemezelo kusayiniwe. Ukhululekile, futhi awukwazi nje. Kodwa, ukukholwa kufanele kube nendawo yokuphumula yobuNkulunkulu, ngaphambili. Uma unokukholwa kuNkulunkulu, ufanele ube nendawo ethize yokuphumula yobuNkulunkulu ukukubeka. Futhi akukho ndawo engcono, futhi ayikho enye indlela yobuNkulunkulu, kuphela ngeZwi elingcwele likaNkulunkulu. Futhi sifuna ukuvumela ukholo lwethu luhlale ngokuqondile phezu kweZwi likaNkulunkulu elilotshiwe.

20 Manje, umuntu, esimweni sakhe senyama nemicabango yakhe yengqondo, uhlala njalo ezidonsela kude asuke kuNkulunkulu. Selokhu kwathi nhlo, kusukela ekuqaleni, leyondoda ilangazelela ukubona olunye uhlangothi, kodwa iboshiwe endlini yetilongo. Ngezinye izikhathi isiko lomuntu limbeka lapho, ukuthi bafundise amasiko ezinhlobo ezahlukene nezisusa zokuthi kukhonzwa kanjani. Futhi ubeka amadoda ngaphansi kobugqila, ngaphansi, esikweni lakhe. Futhi lokho kube njalo selokhu kwaqala umhlaba. Kube ngaleyondlela. Futhi uzivalele e—ezindlini zamatilongo.

21 Kodwa umuntu ubelokhu elangazelela ukubona olunye uhlangothi. Futhi noma yini encane ebukeka ingaphezu kwemvelo kancane, umuntu uzoyijaha, ngoba kuwuhlobo oluthile lwesithembiso ngaphesheya komngcele, ngaphesheya nje komzila. Futhi okumenza enze lokho yingoba udalwe ngomfanekiso woMenzi wakhe, uNkulunkulu uMninimandla onke. Udalelwe ukuba umkhonzi kaNkulunkulu, futhi umele athole indawo ethize ukunikeza indlela yokuphuma kulowo muzwa.

22 Futhi leyo yinhloso yethu lapha namhlanje, kulokhu ukusa kwePhasika, ukwethula kini iQiniso langempela leVangeli. Akukho lutho kumuntu, phezu kwanoma iyiphi inhlangano, phezu kwanoma yisiphi isisekelo; phezu kweVangeli kuphela, amaQiniso alula eBhayibheli. Ngiyakholwa ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu elilotshiwe. NgiyaLikholwa ngawo wonke umphefumulo wami, inhliziyo, ingqondo, nobumina. Futhi yilokho engifuna ukukwethula kuleli, idolobha lethu elincane lapha namuhla, kulento enkulu emangalisayo engiyibone yenzeka emhlabeni jikelele kuleminyaka eyishumi edlule.

23 Sizamile, izikhathi eziningi, ukuba nezinkonzo, izinkonzo zokuphulukisa, edolobheni; hhayi ngoba ngicabanga ukuthi anginabo abangani lapha. Ngoba, nginabangane. Futhi ningabangane bami, futhi ngiyanithanda. Kodwa umqondo wokuthi leli yikhaya, lapho ngakhuliswa khona. Yindawo yami, lapho wonke umuntu engazi khona lapha, futhi ngakhoke kukwenza kuthi ukuba nzima. Isizathu, umBhalo washo

into efanayo, ukuthi, "Edolobheni lakini, noma phakathi kwabantu bakini," nokunye nokunye, kulukhuni ukwethula iVangeli. Bekulokhu kunjalo, kuyo yonke iminyaka, futhi lokhu bekungeke kube okuhlukile manje.

24 Kodwa, ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi uNkulunkulu uzosivumela ukuba sibe nenkonzo kulokhu ukusa njengoba siMcelile ukuba enze. Manje, ngikholwa ukuthi Uzokwenza. Ngakho-ke, uma Ethanda, ngoBukhona baKhe obukhulu nokuba namandla onke kwaKhe, lokho kusho-ke ukuthi Usebukhoneni bethu. Futhi yisikhathi esihle kanjani, ekuseni kwePhasika, ukuthola iNkosi uJesu evukile ihamba phakathi kwabantu, ihamba lapha, njengokungenaphutha, ubufakazi obungenakucimeka bokuthi Wavuka kwabafileyo.

25 Futhi leyo yimibango yami, yilokho ebengikulwela, ukuthi uJesu akafile. Uyaphila, uphila kahle kakhulu, futhi uyoba khona, kuze kube phakade. Futhi uma uNkulunkulu ezosivumela nje, ngomusa waKhe, ngiyakholwa, kulokhu ukusa, ukuthi singafakazisa kini, ngaphandle kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, ngosizo lukaMoya oNgcwele, ukuthi uJesu empeleni wavuka kwabafileyo, futhi uphila khona lapha namhlanje, uphila khona lapha esakhiweni, kanye nathi. "Kuze kube sekupheleni kwezwe." Wakwethembisa.

26 Manje, umuntu, ngendlela yakhe yenyama, wakhe kuqala . . . Sizoqaphela ukuthi abantu, ngezinhloso ezinhle, uzama ukwehlisela iVangeli esivumwenikholo, azame ukuthi, "Awu, sizoya esontweni." Kuhle lokho. Futhi ngezinhloso ezinhle, uthi, "Sizoba na*lolu*hlobo lwe—isimemezelo sovumokholo. Sizosho lemikhuleko. Sizokwenza into ethile." Kodwa ukuvuka kukaKristu kuqukethe okungaphezu kwezivumokholo, okungaphezu kwehlelo. Nakuba, noma zizinhle kangakanani, nezinhloso zizinhle, kodwa lowo akuyena uKristu ovukile.

27 Futhi leyo yinto enkulu esiyifunayo, kulokhu ukusa, ngubufakazi obungenaphutha bokuthi uJesu wavuka kwabafileyo.

28 Manje, njengoba umbhalo wethu usho, "Babengamazi," futhi kuyinto efanayo namuhla.

29 Kodwa umuntu ubelangazelela ukuMazi. Kwehle kudlule onyakeni, bebelokhu belangazelela ukwazi Yena. Nendikimba yethu kulokhu ukusa, eyethu . . . *UMhlengi Wami Uyaphila*, enkonzweni yasekuseni kakhulu ngeSonto, siyathola lapho ukuthi uJobe, emdala njengoba ayenjalo, futhi emuva le ekuqaleni, ekuqaleni, wayelangazelela ukwazi uMdali wakhe. Ngamanye amazwi, wathi, "Uma ngingahamba futhi ngingqongqothe emnyango waKhe futhi ngikhulume naYe!" Yeka ukuthi inhliziyo yomuntu ibizilangazelela kanjani izinto ezinjalo! Futhi namuhla, ngemva kwezinkulungwane ezine, cishe iminyaka eyizinkulungwane ezinhlanu ngaphezulu,

kakhulu kangakanani inhliziyo yomuntu namuhla ilangazelela ukuya emnyango waKhe, ingqongqoze emnyango waKhe, ijwayelane naYe!

30 Bese kuthi-ke, abantu, ngamasiko, baphuphuthekise abantu emaQinisweni amakhulu ayisisekelo omBhalo.

31 Manje, uJesu wakhuluma into efanayo ngenkathi Elapha emhlabeni. Wathi, "Nina ningabaholi abayizimpumputhe bezimpumputhe." Wathi, "Uma impumputhe ihola impumputhe, aziyikuwela zonke emgodini na?"

32 Manje, ukuphumisela ubuKristu noma abafundisi bezenkolo "impumputhe." Niyabo? UNkulunkulu unendlela yokuzembula Yena kubantu, futhi aZazise kubantu. Kodwa, izikhathi eziningi, isiko liyabavala abantu ngaphambi kokuba uNkulunkulu athole ithuba lokungena kubo, ukuze Azembule. Niyabo? Niyakuthola na? Niyabo? Amasiko! O, kuyini lokho namuhla!

33 Manje, labo bafundisi iNkosi uJesu eyayikhuluma nabo, babengabomthetho impela. Babeyizifundiswa zangempela. Bagcina uhlamvu lweZwi, umthetho, kwaze kwaba sohlamvini; akukho neyodwa intwanyana noma i-jit', nanoma yini, engadlula kukho. Futhi bafanele babe nayo iphelele.

34 Ngakho-ke, singaphelela kakhulu ngemfundo yethu nangolwazi lwethu lwengqondo size sishiye uKristu ethe ngqu ngaphandle kwesithombe. Sithi ngqu sisuke kude namaqiniso angempela.

35 Manje, ngakho-ke, ukuze kufinyeleliswe iQiniso kumuntu, kuNkulunkulu, "UNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe uQobo, eyenziwe ngomfanekiso wenyama enesono," futhi Wazalelwa lapha emhlabeni. Futhi waba uku—ukuhlawulelwa kwezono zethu, okwanikelwa ngosuku lwaseKal-, . . . eKalvari, ukususa izono zethu; nokusinika inkululeko, nokusikhulula ezindlini zetilongo ebesikuzo.

36 Manje, umuntu uyisiboshwa. UNkulunkulu washo ukuthi umuntu wayeyisiboshwa, ngakho-ke, kuze kwenzeke okuthile kumuntu. Ngifuna ukuthole lokhu manje. Ukuthi, ngaphambi kokuba lento ethize, ebizwa ngokuZalwa okusha, ike yenzeke kumuntu, akakwazi (akukho ndlela, nhlobo) ukuqonda, noma ukuqonda uNkulunkulu, noma abe nolwazi ngoNkulunkulu. Nakuba iZwi liLikhuluma, ingqondo yakhe ayikwazi ukuLiqonda, ngoba ngumqondo womuntu. Ufanele abe nomqondo kaNkulunkulu kuye, ukuqonda izinto zokumesaba uNkulunkulu. Niyabo? Ngakho-ke, konke ukufunda, zonke izikole, zonke izimfundiso, zizinhle njengoba zingaba njalo, nokho lokho akukabi ngumgomo wangempela okwamanje.

37 UNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe, ishumayela iVangeli. Kunjalo. IVangeli liyizindaba ezinhle. Ku-Isaya 61, kini enibhala phansi imiBhalo, uNkulunkulu washo lapho, ekhuluma . . . u-Isaya, njalo, wokuza kukaKristu. Wathi,

"UNkulunkulu uNgigcobile ukuba ngishumayele iVangeli, ukuletha izindaba ezinhle; nokukhulula abathunjwa, nokuvula iminyango yetilongo, nokudedela abathunjiweyo bahambe bakhululeke." UNkulunkulu wathumela uKristu ukuba avule iminyango yetilongo yabantu abahlezi ebumnyameni. Futhi uma uqaphela u—uhlobo Akhuluma ngalo, "ukubakhulula," kwakungeyena ongafundile. Kwakuyizifundiswa, ofundileyo, uKristu weza ukuzobakhulula.

38 Manje ukukwenza ukuze izinganyana ezincane zizoqonda. Lapho uKristu efika . . . Ake sithi, isibonelo, namuhla, ukuthi ngamunye wenu wayegwetshelwe ukufa. Futhi nanihlezi etilongweni, nazi ukuthi, ukuphuma kwelanga kusasa ekuseni, wawufanele ufe.

39 Futhi abaningi abanesono, futhi bekude noNkulunkulu, bahlezi kuleyondawo kulokhu ukusa. Abantu abaningi, abangabantu abalungile ngempela, bahlezi kulesosimo kulokhu ukusa.

40 Abaningi benu, ohlezi lapha enomdlavuza, enesimila, nobumpumputhe. Abanye benu, behlezi kuzo zonke izinhlobo zezimo. Nokho, uNkulunkulu wathumela uKristu ukuba avule iminyango yetilongo, ukuze anikhulule. Wena uthi, "Ingabe ukugula kuwubugqila na?" Yebo.

41 UJesu wakuchaza ngokusobala, ngenkathi Esho kowesifazane owayekade egongobele. Wamphulukisa; wabeka izandla zaKhe phezu kwakhe, wayesesukuma. Futhi baqala ukuthola iphutha, othisha balithola. Wathi, "Bekungafanele yini lendodakazi ka-Abrahama ikhululwe, ikhululwe kulobu bugqila ebikade ikubo, bukaSathane na?"

42 Ngakho-ke, uKristu uMhlengi wethu omkhulu uze ukuzokhulula abesilisa nabesifazane esonweni, futhi bakhululeke ekuguleni. Yena, ngenkathi Efa eKalvari, "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina."

43 Manje, lezo yizindaba ezinhle. Lelo iVangeli. IVangeli liwukuthi, ukuthi, uKristu wafa endaweni yesoni, ukuthi uKristu uthathe indawo yomuntu ogulayo. UKristu uthathe indawo yesoni. UKristu uthathe indawo yomuntu okhathazekile. UKristu uthathe indawo yohlanya. UKristu wathatha yonke indawo, futhi wasikhulula kukho konke ukuhlupheka naso sonke isono udeveli asifaka ngaso endlini eyitilongo. UKristu uza ukuzosithethelela, ngesihle. Konke kuhamba ngesihle.

44 Ezinsukwini lapho izigqila, lapho zazisebugqilini, futhi zaziyizigqila lapha ezifundeni. Ngenkathi u-Abraham Lincoln efa, ukukhulula umuntu oyikhaladi, ukumnika amalungelo okuba angabe esaba yisigqila, bakhululwa ekuphumeni kwelanga, nabo. Babejabule kakhulu ngakho, bazi ukuthi babezokhululeka lapho nje ilanga liphuma. Abanye babo

ababephile saka, beqinile ngokomzimba, bakhwela phezulu le entabeni. Abanye babengahamba baze bafike le esicongweni; futhi abanye ingxenye yendlela phezulu; futhi abanye yonke indlela phansi le. Futhi kwathi nje ilanga seliqala ukulunguza, abanamandla abakhulu babephezulu esicongweni.

45 Lokho ngingakufanisa namuhla namaKristu amakhulu anamandla akhuphukela ezingeni likaMoya oNgcwele; labo abavele beze ngomgwaqo ngaphansi kokulungisiswa; labo abasezansi le esigodini sokudideka.

46 Basukuma. Futhi kwathi nje labo, wayesephakeme, wayengakwazi ukulibona, kuqala, kude le. Kwathi lapho sebebona ilanga liphuma, bamemeza kakhulu, kwabangaphansi kwabo, bathi, “Sikhululekile!”

47 Kwase kuthi-ke labo abakutholile, base bememeza futhi bamemeza kakhulu phansi kwabanye, “Sikhululekile!”

48 Futhi abanye, ezansi ngaphansi kwalokho, bakuchazela abanye, “Sikhululekile!”

49 Manje bheka. Labo abaphezulu egqumeni babengakwazi ukubona ilanga, ngakho babekhululekile. Kodwa kwathi nje lapho izindaba zifika kulowomfo esigodini, wayesekhululekile njengoba wayeyoke akhululeke, noma ngabe ilanga seliphumile noma qhabo. Niyakubona na?

50 UKristu weza ukuzokhulula abathunjiweyo. Akudingekile ukuba uboshwe yimikhuba, impilo yobuKristu emaphakathi. UNkulunkulu akafuni ube ngaleyondlela. Ufuna ukhululeke. UNkulunkulu wagcoba uKristu ukuba ashumayele inkululeko, avule iminyango yetilongo. Futhi ngaso sonke isikhathi wena . . .

51 Ake sithi wena uhlezi phakathi lapho, nesigwebo sakho sentambo siphezu kwakho. Futhi into yokuqala oyaziyo, balungiselela ukukukhipha ukuze bakulengise, noma bakubulale ngandlela thize. Futhi into yokuqala, uzwa umuntu ehla ngomgwaqo, ethi, “Bamba! Ngithole ukuxolelwa. Awufanele ufe.” Manje, awudingi ukulinda uze uphume etilongweni. Ufana nokhululekile nje ngaleso sikhathi njengoba uzoba njalo uma ungaphandle. Ngakho-ke indoda ingajabula nje, ihlezi etilongweni, njengoba ibiyobe ingaphandle kwetilongo, inqobo nje uma azi ukuthi ukuxolelwa kwakhe kusayiniwe.

52 Kukanjalo namhlanje ekuseni. Nakhu! Kuwo wonke owesilisa nowesifazane onenhliziyo elambile, ukuphuma ezitokisini zasetilongweni kulokhu ukusa, izindaba ezinhle zeVangeli ziyashunyayelwa. Futhi akunandaba, uma usahlezi ugula, uma usahlezi uboshiwe, ungafana nokhululekile nje ngoba izindaba sezifikile, “Uxolelwe!” UKristu wavuka, eminyakeni ethile engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, kulokhu ukusa, ukukhulula zonke iziboshwa, wavula

iminyango yetilongo futhi uzidedela ziphume. O, into emangalisayo kangaka pho!

53 Akumangazi ukuthi imbongi yaxhuxhuma lapho izwa lokho! Ukuphefumulelwa kwayishaya. Yathi:

> Ephila, Uyangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngokukhululeka kuze kube phakade;
> Ngoluny'usuku Uyeza, O usuku olukhazimulayo!

54 Ithemba lekholwa ngukubheka ukuFika kwesibili, leNkosana enkulu Eyavula iminyango yetilongo yase isikhulula. Isikweletu sesiqediwe. Sonke sesikhokhiwe. UNkulunkulu kanye nezoni babuyisana ndawonye eKalvari, lapho uJesu efa. Futhi uNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu, enzela ukulungisiswa kwethu. Ukuthi, njengoba sibuka phezu kwalokho futhi sikukholwa, futhi sikwemukela ngenhliziyo yethu yonke, silungisisiwe phambi kukaNkulunkulu ophilayo. Impela kukwenza ube namadlingozi! Impela kuyakujabulisa! Ubungathula kanjani na? Umuntu angazibamba kanjani, owaziyo ukuthi ukufa kulenga phansi lapho phambi kwakhe, futhi nakhu kufika ukuxolelwa na? Kunjalo.

55 Ucabanga ukuthi uBaraba omdala wazizwa kanjani ngalokho kusa, lapho ezwa umRoma eza nenkulu . . . evela endaweni eyisitezi na? Njengoba izicathulo ezinkulu zensimbi zihamba ziqhwabaza, amaketango ekhenceza, umkhonto uhuduleka esitaladini; ukwazi ukuthi wayezobulawa, futhi . . . lapho evula umnyango! Futhi uBaraba ethuthumela futhi ekhala, eselungele ukubaleka, ethi, "O, lokhu ukuphela kwami!"

Wathi, "Baraba, ngiyafunda, 'Uxolelwe, ukhululekile.'"

"Kungani," wathi, "angeke ngife na?"

Wathi, "Qha. Awudingekile ukuba ufe."

"Awu, yini okwakufanele ngikwenzele khona na?"

"Lutho."

"Awu, kuza kanjani lokhu na?"

56 Khona-ke induna yekhulu yayiyomvusa, ithi, "Uyayibona leyoNdoda elenga ngaleya esiphambanweni na? Uyakubona lokho kuphimisa kokubhuqa ebusweni baKhe na? Niyawabona amanxeba esandleni saKhe na? Lawo kwakungawakho, kodwa Yena wathatha indawo yakho."

57 Ukuvulele umnyango wetilongo, ukuze wena, obugwetshelwe ukufa, Uthathe indawo yakho. Futhi ekuseni ngePhasika, uNkulunkulu waMvusela ukulungisiswa kwethu. Ngani, silungisisiwe. Njengoba siyikholwa indaba futhi

siyamukela, ukuthula kokulungisiswa kushanela kungene ezinhliziyweni zethu, njengamaza angaqondakaliyo, kanjani amagagasi oBuyena baKhe.

58 UNkulunkulu akasishiyanga singaduduzekile. Wayazi ukuthi Kwakuyophithana konke, ezinsukwini ezizayo; ngabafundisi, kanjalonjalo, beZwi, ukuthi babeyoLixuba kanjani. Kodwa Wathumela isiThunywa esiqondile kanye naLo, uMoya oNgcwele, okungukuqinisekiswa kokuvuka.

59 Uma ungekho uMoya oNgcwele ongaKuqinisekisa, khona-ke angikwazanga ukukholwa ukuvuka; Bengingeke ngibe nalutho ngaphandle kwesayense yezenkolo; noma bengingeke ngibe nalutho ngaphandle komcabango wengqondo. Kodwa, namuhla, asidingeki ukuba . . . Umcabango wengqondo ulungile; isayense yenkolo ilungile. Kodwa sinobufakazi obuqondile. UMoya oNgcwele ungufakazi bokuvuka kweNkosi uJesu. Akuqondwa kahle kakhulu ngabantu namuhla, osukwini lwethu! Akuqondwa kahle, kodwa ithemba!

60 Ngenkathi Enikeza umyalo wokugcina lapho, ngenkathi Ethi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: NgeGama laMi bayakukhipha omoya ababi; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka noma izinto ezibulalayo, akusoze kwabalimaza; bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayosinda." "Zona kanye impela izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, ezinkulu kunalokhu, ngokuba Ngiya kuBaba waMi."

61 Omunye uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho kuthunywa okukhulu kwafinyelela ezansi kuze kuba namuhla na?"

62 Impela. Isikhathi eside kangakanani na? "Kulo lonke izwe." Abangaki na? "Kuzo zonke izidalwa." Nakho lapho okhona. UkuKukholwa, kungukuPhila okuPhakade, ukuKwemukela.

"Kungani kufanele ngiKukholwe na?" ubuyosho.

63 Ngoba, yiZwi likaNkulunkulu. Kunjalo. UNkulunkulu angeke ahlehlise iZwi laKhe uQobo. UNkulunkulu eke wakhuluma iZwi, Uzofanele ahlale naLo. Ngingasho izwi, futhi ngilihlehlise; ungenza okufanayo. Kodwa uNkulunkulu angeke. Uma Ekhuluma iZwi, Uzofanele ahlale naLo. Futhi Washo lawomaZwi, ngakho-ke uNkulunkulu uyalihlonipha iZwi laKhe.

64 Futhi uvuko lubaluleke kakhulu nje namuhla, futhi lungokoqobo nje kuyo yonke inhliziyo yomuntu olukholwayo, njengoba kwakunjalo kuMariya Magdalena nalabo ababemi ethuneni ngalolo suku ekuseni, abaMbonayo. NaNgu, futhi lapho igama lakhe labizwa, "Mariya." Futhi waqalaza wayesethi, "Raboni," noma, "Nkosi!" Lokho kungokoqobo nje kuyo yonke inhliziyo kulokhu ukusa, ezelwe ngokusha nguMoya

kaNkulunkulu, ngamandla okuvuka, njengoba kwakunjalo kulowo wesifazane emi ethuneni ngalokho kusa.

65 Manje, awukwazi ukukwenza emqondweni wakho uqobo. Awukwazi ukukwenza. Ufana nokuzama ukubeka iphepha esakhiweni, noma ukusipenda, lapho izimo zizimbi kakhulu, lapho isisekelo silahlwa.

66 Uma uhulumeni egxeka indlu, izisekelo zibolile, ungakha kanjani phezu kwaleyo ndlu na? Wakhela ukuwa kuphela. Kungakhathaleki ukuthi upenda kangakanani ngaphakathi, lihle kangakanani iphepha olifakayo kuso, mangaki amathayela okufulela owabeka phezu kwaso, zingaki izindawo ezingcwele oziphakamisayo, zingaki iziphambano ezinesifanekiso sikaKristu ozifaka kuso, sifanele siwe, ngokuba isisekelo asilungile. Isisekelo sibolile.

67 Futhi umuntu, ngendlela yakhe siqu yokucabanga kwengqondo, unephutha kwasekuqaleni. Ungowezizwe kuNkulunkulu. Uyanqunywa, engenathemba, engenaNkulunkulu, engenasihawu.

68 Futhi into kuphela angayenza ngukufika futhi emukele uKristu. Bese kuthi-ke uMoya oNgcwele ungene, nomqondo owawukuKristu usukuwe.

69 UJesu wathi, "UBaba, oNgithumileyo, unaMi." O, he! Yeka isimemezelo! Yeka izwi! "UBaba, oNgithumileyo, uza naMi."

70 Lalelani! "Futhi njengoba uBaba eNgithumile, nami Ngiyanithuma." Akakuthumi kuphela, kodwa Uhamba nawe. "Ngizoba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Konke okwakukuNkulunkulu kwathululwa kuKristu; futhi konke okwakukuKristu kwathululelwa ekholweni, iBandla. UNkulunkulu unawe. "Bheka, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Lokho kuyisimemezelo seZwi likaNkulunkulu. Yilokho iBhayibheli elikushoyo. Yilokho engikukholwayo.

71 Futhi uma besifanele sikumele sodwa, sikumelele, ngokuba kuyiZwi likaNkulunkulu. Wonke umuntu owake wafika noma yikuphi, wayefanele ame, yedwa, ezinkolelweni zakhe kuphela. Lokho akukho ekubambisaneni. Munye kuphela Oyohamba nawe, futhi lowo nguYe Owenza isitatimende. INkosi uJesu, YiYo eyonyathela isigodi nawe. Izodabula kuzo zonke izindawo ezinameva futhi ikhwele zonke izintaba, eceleni kwakho.

72 Zibophele ejokeni kanye naYe. "Ngokuba ijoka laMi lilula, nemithwalo yaMi ilula." Ungaboshelwa ejokeni nezinto zezwe. Ungaboshelwa ejokeni emiphakathini nasezinhlanganweni ezahlukene. Zibophele ejokeni wedwa kanye neNkosi uJesu Kristu, kungumyalelo wokuthi ungakwenza. Kholwa, futhi ubone ukuvuka.

73 Manje, laba baphostoli, besengamadoda ayehambe noJesu, aye ake aba nenhlanganyelo naYe, bahambisana kokwemvelo, njengamadoda namhlanje. Kodwa behluleka ukuqonda ukuthi WayenguBani.

74 UJesu wathi, "AbaFarisi abayizimpumputhe." Wathi, "O, niyayithatha imiyalo kaNkulunkulu," qaphelani, "futhi nizenze ize, ngamasiko enu." Niyabo?

75 Babelapho-ke, abafundisi, izifundiswa, abafundi basekolishi! Futhi umBhalo washo ngokusobala ukuthi uJesu uyofika ngendlela Afika ngayo, kodwa amasiko abo awaKufundisanga ngaleyondlela. Bazama ukuKuhlikihla konke kusuke, futhi bathi, "Kwakungesinye isikhathi *leso*. Futhi *Lokhu* kuzoba ngesinye isikhathi." Kodwa uNkulunkulu ufika ngokufanayo nje.

76 Futhi, namuhla, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje. Bayibeka *le* ngxenye, eceleni, na *le* ngxenye eceleni, futhi bathi, "UNkulunkulu wenza ngaleso sikhathi; Ngeke akwenze manje. Lokho akusikho okwalolu suku."

77 "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Lowo ngumBhalo. Yilokho esikholwa ukuthi kuliQiniso. Yilokho esikwamukelayo ukuthi kuyiQiniso. Uyafana ngomgomo. Uyafana ngamandla. Uyafana othandweni. Uyafana ngayo yonke indlela Ayeyiyo ngaleyonkathi. Manje Uye wafika neBandla, njengoba uNkulunkulu waMthuma futhi wahamba naYe. Ngakho-ke . . .

78 Futhi uNkulunkulu waMvusa. Ukuba uNkulunkulu wayengenaye, Wayengeke aMvuse ngosuku lwesithathu. Ngakho-ke, uBaba owaMthumayo, uhlala enaYe njalo, waya naYe ethuneni, futhi waMvusa ngosuku lwesithathu.

79 Manje, "Njengoba uNkulunkulu Wangithuma," Wathi, "nami Ngiyakuthuma. Ngizoba nawe, kuwe, njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ekuvukeni, lapho iPhasika lethu lifika, Uyoba lapho ngokufanayo nje njengoba uNkulunkulu ayenjalo ngalokho kusa kwePhasika, waMvusa kwabafileyo!

80 Manje, emfanekisweni walokho, Uye waletha lokhu. Ngaphambi kokuba kube nokuvuka, kufanele kube nokufa. Ngokuba, kufanele kube yinto eyodwa, bese-ke emuka bese-ke ebuya, ukuba kube ngukuvuka. Kusho uku "buyiswa."

81 Futhi ngaphambi kokuba umuntu avuswe ekuvukeni kanye noKristu, uzofanele afe, kuye uqobo; afe, kubo bonke abalingani bakhe bezwe; afe nya, kuyo yonke imikhuba yakhe yezwe; afe, kukho konke okokungamesabi uNkulunkulu; futhi avuswe, kabusha.

82 Bese-ke, ukuthululwa kukaMoya oNgcwele, ukuthululwa kwaKhe uqobo; nokungena, njalo, kukaMoya oNgcwele, kugcwalisa leyondawo. Khona-ke uyinto yokukholwa uNkulunkulu. Ube-ke esebona njengoba uNkulunkulu ebona.

Akaboni njengoba abafundisi bebona. Akaboni njengoba amalungu ebandla ebona. Ubona njengoba uNkulunkulu ebona. Bese-ke ebona ukuthi uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Khona-ke uyabona ukuthi amandla kaNkulunkulu makhulu nje namuhla njengoba Ayenjalo ngaleyonkathi.

83 Futhi esimweni sakhe esidala senyama, ungahle umfundise, umphucule, umnikeze imifundaze. Kungahle kumbeke emabandleni angcono kunawo wonke, kumnike izihlalo zikanokusho ezinhle kakhulu, amalunga angcono kunawo wonke. Akasoze ahluka aze afe kuqala, khona-ke uphinde avuswe kabusha. NoMoya oNgcwele owambizayo, futhi wamthuma, unaye, kuze kube sekupheleni konyaka. Amen. O, ngiyazi ukuthi lokho kuyashaqisa, kodwa kuliQiniso.

84 Manje-ke, uma uKristu ubekithi namuhla, Ubezokwenza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi elapha emhlabeni. Uma iNkosi uJesu ivukile kwabafileyo namuhla, futhi iphila phakathi kwethu, futhi yathi, "Izinto ezifanayo eNgizenzayo, nani niyakuzenza, ngokuba Ngiyakuba nani kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje-ke, yinye kuphela indlela yokufakazisa ukuthi ngabe Uvukile kwabafileyo. Lokho ngukuthi, lapho, iBandla elikukholwayo lokho, UKristu uzozazisa Yena uqobo kuleloBandla ngamandla aKhe afanayo okuvuka kwaKhe. Kufanele kube njalo, bangane.

85 Lokhu kuphakathi kokuthi iZwi likaNkulunkulu noma LiyiNcwadi edukisayo. Kunjalo. Kuphakathi kokuthi Ilungile noma Ayilungile. Futhi kuphakathi kokuthi kulungile noma akulungile. Wonke amaZwi aphefumulelwe noma akukho nelilodwa kuWo eliphefumulelwe. Ngifuna ukuKukholwa.

86 UPawulu wathi, "Angikaze ngize kini ngishumayela ngamazwi ahungayo nokuhlakanipha kwabantu; ngokuba, uma ngikwenzile, khona-ke ukholo lwenu beluyokwakhelwa phezu kokuhlakanipha kwabantu. Kepha ngiza kini, ngishumayela iVangeli laMandla kaNkulunkulu, ukuvuka kweNkosi uJesu, ukuze ukholo lwenu luqine." UPawulu akazange neze afike nesipiliyoni esithile sasekolishi, ukuzopholisha, futhi akhiphe futhi anezele kulo.

87 Wathi, "Ngiza ngazi into eyodwa kuphela; UKristu owabethelwa. Ngiza nje kuphela ngazi into eyodwa, nginishumayeza aMandla okuvuka, ukuthi uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Futhi kwabaseGalathiya 1:8, wathi, "Uma ingelosi ishumayela noma yini enye, mayibe ngeqalekisiweyo, kini." Kunjalo.

88 Manje, ingabe Wavuka na? Silapha namhlanje ekuseni ukuzobuza umbuzo. Ingabe Wavuka na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

89 Manje, namuhla, imikhosi ishiwo, emhlabeni wonke. Futhi bazungeza nokukhulu . . . abanye babo bephethe ubuhlalu

bomkhuleko, beyisho. Lokho kukubo. Abanye bayahamba, beqhosha ngehlelo elikhulu abakhonza kulo. Lokho kukubo. Abanye bamisa iziphambano ezinkulu, namapiyano namaogani, nezakhiwo zesonto ezinhle, futhi bathi, "Bheka lokho esinakho! Okungcono kunakho konke kwedolobha kuza esontweni lethu." Kulungile. Lokho kukubo.

90 Kodwa angazi lutho ngaphandle kokuvuka kweNkosi uJesu; noma kusesibayeni, noma kusesitebeleni, noma kungabe kukuphi. Akukho engifuna ukukwazi phakathi kwenu ngaphandle kokuvuka. Angifuni ukuzwa ukuthi umuhle kangakanani; ngoba awumuhle, kwasekuqaleni. Asibahle, kwasekuqaleni. Yinye kuphela into engifuna ukuyazi, ukuvuka kweNkosi uJesu, obekusenhliziyweni yomuntu. Manje-ke, uma uKristu efile, ya, engafile, kodwa wavuka futhi, khona-ke Unathi. Manje-ke, izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, Ubophezelekile ukuziveza futhi, ngokweZwi laKhe. Ubophezelekile. Futhi uma leyonto ikhiqizwa futhi phezu komhlaba, into efanayo . . .

91 Manje, ngenkathi Elapha, Akazange azisho ukuthi ungumphulukisi omkhulu. Ingabe Wazisho na? Wathi Wayengeyena umphulukisi. Wathi, "Angenzi lutho ngokwaMi. Angenzi lutho ngaphandle kokuba Ngibone uBaba ekwenza; neNdodana iyakwenza kanjalo."

92 Wadabula ichibi laseBethesda, lapho kwakulele khona izixuku eziningi, abakhubazekile, izimpumputhe, izinyonga, izishosha, abasontekile, abashwabeneyo, belindele ukuzanyazanyiswa kwamanzi. Futhi nakhu kufika u-Emanuweli, nakhu kufika uJesu, izingubo zigcwele amandla.

93 Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, futhi waphiliswa ngokuphelele. WaMthinta, wayesebalekela esixukwini wase ehlala phansi, noma ngabe kwakuyini. UJesu wema, wase eqalaza. Wathi, "Ubani Ongithintile na?"

94 "Kungani," wathi, "bheka isixuku, Nkosi! Wonke umuntu uyaKuthinta."

95 Wathi, "Yebo, kodwa Ngi—Ngibe buthakathaka." Wathi, "Kukhona okwenzekile."

96 Futhi Waqalaza, phezu kwezethameli, Waze Wathola owesifazane. Wathi, "Manje ukukholwa kwakho kukuphulukisile kulowo mopho." Niyabo? Ukukholwa kwakhe kwaMthinta.

97 Lowo kwakunguJesu izolo. Lowo nguJesu namuhla. Lowo kuzoba nguJesu kuze kube phakade. Inqobo nje uma kunesidingo sokuphulukiswa, kuzoba noJesu wokuphulukisa. Inqobo nje uma kusenesoni okufanele sisindiswe, kuzoba noJesu ozoMsindisa. Lowo nguYe.

98 Ngenkathi Edlula kulesosixuku esikhulu, wawelela lapho futhi waphulukisa indoda elele ohlakeni, wamuka futhi wayishiya. Ngani, abafundi, bamaJuda, bathi, "Ngani, bheka lapho, bheka lesosixuku! Kungani Engazange aye ngalapho futhi aphulukise *lona* na? Ngingakukholwa." Nokunye nokunye okunjalo, baMbuza. Babone lendoda ithwele uhlaka lwayo, ngesabatha.

99 Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo."

100 Niyabona lapho Anikeza khona lonke udumo na? Noma yimuphi uMoya kaNkulunkulu weqiniso uyokwenza into efanayo. Uyonika udumo kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi.

101 Wathi, "INdodana ayinakwenza lutho ngokwaYo. Kodwa lokho eNgibona uBaba ekwenza, leyo yizinto eNgizenzayo. UBaba wenza okuthize, futhi UyaNgikhombisa, futhi Ngiyahamba ngikwenze."

102 Uma lowo kwakunguJesu ngaleyonkathi, kufanele kube nguJesu namuhla. Kunjalo.

103 Wama ezethamelini zabantu, futhi Wayekwazi ukubona imicabango yabo. Wayazi ukuthi yini eyayingalungile ngabo. Wabuka ezethamelini zaKhe, izikhathi eziningi, wayesethi, "Kungani uzindla enhliziyweni yakho futhi usho izinto ezehlukile na?"

104 Owesifazane wenyukela kuYe emthonjeni, ngesinye isikhathi, Wathi, "Ngiphuzise."

105 Wathi, "Ngani, akusilo isiko kini maJuda ukucela amaSamariya kanjalo." Wathi, "Asidlelani."

106 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela kiMi okuphuzwayo."

"O, manje," wathi, "lokho bekungaba kanjani—kanjani lokho na?"

Futhi Wathi, "Hamba uyolanda umyeni wakho."

Wathi, "Anginandoda."

107 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu." Futhi wathi, "Lo osuhlala nayo manje akuyona indoda yakho."

108 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi." Wathi, "Manje, ngiyazi ukuthi lokho kuzoba yisibonakaliso sikaMesiya." Wathi, "Ngiyazi ukuthi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena nguBani na?"

Uthe, "NginguYe, okhuluma nawe."

109 Nakho lapho ukhona. Kwakuyini leyo na? Isibonakaliso sikaMesiya. Amen. Qaphelani. Futhi, phakathi lapho, abakuqondanga ngokuyikho. Babengaqondi ukuthi kwakusho ukuthini lokho. Kwaphuphuthekisa amehlo abo. Izimangaliso zaKhe nezinto zaphuphuthekisa amehlo abo.

110 Kunjalo nanamuhla. Izinto ezifanayo zizophuphuthekisa amehlo engqondo yenyama, ngoba ayikwazi ukuqonda izinto zikaNkulunkulu. Iphambene noNkulunkulu. Iyisitha sokukaNkulunkulu. Umqondo womuntu uyisitha kuNkulunkulu. Ufanele uphume emqondweni wakho siqu womuntu, futhi uzalwe kabusha, ngoMoya oNgcwele, futhi ufake umqondo kaNkulunkulu kuwe. Khona-ke ungazikholwa lezozinto. Bese iba ngokoqobo. Amen.

111 Manje qaphelani-ke, ngenkathi Elapha, izinto Azenzayo. Ngenkathi Emuka, Wathi eBandleni laKhe, emva kokuvuka kwaKhe, Wathi, "Bheka, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Amehlo abo avuleka. Bakuqonda.

112 UPetru nabo, ngaphambi kwalokho; emva kokuba umngane omkhulu naYe, wahamba naYe, wakhuluma naYe. Futhi uPetru wathi, "O, ngidangele kakhulu! Emva kwalokhu kufa phezulu lapho, futhi baMmbela. Ngi—Ngidumele kakhulu. Ngikholwa ukuthi ngizovele ngiyodoba."

113 Ngakho-ke abafundi babemi ngakhona, base bethi, "Sizohamba nawe nje." Ngakho-ke, kude, bathola inetha labo. Bedangele! Amakholwa, ake, isayense yezenkolo yengqondo. Bakholwa, kanye, kokwemvelo. Kodwa, ngenkathi kufika ukuvivinya okuncane, konke kwaba yizicucu.

114 Manje, lapha, angihlosile ukunilimaza, kodwa ngifuna ukuniqondisa. Niyabo? Lokho kukhombisa nje lapho umuntu enokholo lwengqondo kuphela, ngokuthi, "Yebo, lelo yiZwi likaNkulunkulu. Ya, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wamvusa uJesu namuhla." Bese-ke, lokho, yilokho kuphela onakho. Ukudumazeka kokuqala okuncane kuyavela ebandleni lakho, usuka uhambe, uqhubeka uphume. Niyabo? Ungahle ube ngumngane kuYe, kodwa awuMazi eMandleni okuvuka kwaKhe.

115 Akazange nangesikhathi esisodwa, emva kwePentekoste, ukuthi lowomshumayeli, uPetru, ake asho into efana naleyo. Lapho sebelungele ukumbulala, babezomlengisa esiphambanweni. Wathi, "Angifanele ngisho nokufa kanjalo. Phakamisani izinyawo zami; ikhanda lami libheke phansi. Ngoba, iNkosi yami yafa kulesosimo, ikhanda laYo lingaphezulu." Yebo, neze, neze. Niyabo? WayenoKristu ngalesosikhathi, kodwa-ke uKristu wayekuPetru. UPetru wayehola ngaleyonkathi, futhi, emva kokufika kukaMoya oNgcwele, khona-ke uMoya oNgcwele wawuhola. UPetru wayengemuva, kwase-ke kuhola uMoya oNgcwele.

116 Manje uma usanda kuthola . . . Uma unemizindlo emihle, uzohlala phansi uzame ukundliza ngeBhayibheli, uzindle, "Wayengavuka kanjani kwabafileyo na? Lezi zimangaliso nezinto bezingenzeka kanjani namhlanje, kulelizinga elikhulu lempucuko, isayense esiphila kuyo na?" Uzama ukudlinza

ngalokho, uqhela kakhulu nje kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi. Awusoze waMazi ngokuzindla. UNkulunkulu akaziwa ngokuzindla.

117 UNkulunkulu waziwa ngokukholwa. Wena uyakwamukela. Wena uyakukholwa. Ungeke wakwenza kuze kwenzeke okuthile kuwe, khona-ke uMoya oNgcwele uyangena futhi wena ube nomqondo kaKristu.

118 Qaphela. Bona, ubusuku bonke badoba, futhi kababambanga nhlanzi. Kuyadumaza kakhulu! Ngakusasa ekuseni, ekuseni kakhulu, enkonzweni yokuphuma kwelanga, babheka ngaphesheya kosebe, futhi nakho kumi uJesu. Kodwa babengaMazi. Leyo ingxenye edabukisayo. BabengaMazi.

119 Ngobunye ubusuku, isikebhe esidala sase sizocwila, phandle olwandle, esiphephweni. Futhi nakhu kufika iNkosi ethandekayo ihamba ibheke ngakubo. Bathi, "O, suka. Yisipoki. Yisipoki. Asifuni ukuhlanganisa nalutho naKho." Into kuphela eyayingabasiza, yayiseduze nabo, futhi babeYesaba.

120 Futhi kwangathi ngingasho lokhu kini bantu, namuhla, eningakaze namukele uMoya oNgcwele. Ngiyaqonda, emazingeni ebandla, sinokwenziwa inhlekisa okuningi. Sinabaningi abazenza sengathi banoMoya oNgcwele, kuyilapho bengenaWo. Kunjalo. Ngakho-ke seningenile emazingeni enu laphaya, futhi, nizisho ukuthi ningamalunga ebandla, futhi abasiwo. Kunjalo. Ngakho-ke, lapho kukhona uchwepheshe, kukhona ukuphikisana. Khumbula lokho. Lapho okuyisithunzi, kukhona okwangempela. Lapho kukhona idola mbumbulu, kukhona elangempela. Futhi lapho kukhona umuntu oklolodelayo futhi enza sengathi unoMoya oNgcwele, kukhona uMoya oNgcwele wangempela. Khumbula lokho.

121 Futhi Yona impela iNto ezokusiza; yona kanye iNto ezokukhulula; iNto ezonikhipha endlini yenu yetilongo yesiko, inikhiphe ezindlini zenu zetilongo zokwesaba nokuphatheka kabi; Into eyodwa eyonisusa kumdlavuza futhi inenze isidalwa esiphilayo futhi; iNto eyonivusa ngezinsuku zokugcina; ime eduze kwakho ngqo, futhi uyaYesaba. Ungesabi. NguYe.

122 "YiMi," Wathi. "Ningesabi. YiMi." Kodwa babeKwesaba; besaba ukukuthatha iZwi laKhe ngakho. Wathi, "Kungukuthi . . . Ungesabi. YiMi."

123 UJesu wababuza ukuthi babenazo yini izinhlanzi. Bathi, "Qhabo." Wathi, "Sishikashikeke ubusuku bonke." Bafika ogwini futhi bathola izinhlanzi ziphekiwe futhi zibekwe lapho sezilungisiselelwe bona. Wayazi, ngaleso simangaliso, kwakunguYe.

124 Abanye ababili, njengoba begijima endleleni eya e-Emawuse. Lalelisisani manje njengoba sesivala. Endleleni eya e-Emawuse ngolunye usuku, emva kokuvuka, kwakukhona

ababili; omunye, uKleyophase, nomngane wakhe. Isabatha elihle ekuseni kanje, iPhasika elihle lokuqala.

Eduzane manje, bhekisisa iZwi. Lungela.

125 Futhi njengoba babegcina iPhasika lokuqala, bedumazekile, bedangele ngoba kwakufike indumalo.

126 Kungahle kube nabesilisa nabesifazane lapha, namuhla, lowo ogcina leliPhasika ngenxa yokudumazeka okuthile, kukhona okwenzekayo. Kodwa, khumbulani nje, iNkosi uJesu ivukile ethuneni namhlanje. Uphila phakathi kwabantu.

127 Izikhathi eziningi, lapho ngisesikoleni, sasifunda ngesayensi yezitshalo. Bengilokhu ngifunda ngesayensi yezitshalo. Isayense yezitshalo, kimi, ayiyona impilo yezitshalo, kakhulu kakhulu; ukubheka ukuthi isitshalo sikhuliswa kanjani, nokuthi ilanga lifika kanjani, kanjalonjalo. Isayensi yezitshalo, kimi, NguYe owayidala, inguMenzi Owakhulisa isitshalo. O, zinhle kanjani lezozimbali zePhasika! Zibheke. O, he! Izimbali ezinhle ezihlala nxazonke, akekho owayekwazi ukubheka ebusweni bomunye athi akekho uNkulunkulu, futhi abe olungile ngokwengqondo.

128 Futhi nampa, sebedumazekile manje, sebebuyela ekhaya. "Awu, saqala. Besicabanga ukuthi kuzolunga, kodwa sifanele sibuyele ekhaya manje, khona-ke, endleleni ebuyela e-Emawuse." Kwathi besahamba, bedangele, bona . . .

129 Ingxoxo yayilungile. Babekhuluma ngaYe. Kungaleso sikhathi lapho Avela khona.

130 Futhi yingalesosizathu Engabonakali kwabaningi bethu namuhla, izingxoxo zethu zikhuluma ngakho konke okunye ngaphandle kukaKristu. Sihlala sikhuluma ngokuthi sizowenza nini umsebenzi, noma sizokwenzani lapha. Izingxoxo zenu mazibe kuKristu. Kungaleso sikhathi lapho Ebonakala khona, yilapho ukhuluma ngaYe. Khuluma ngaYe.

131 Base behamba, bekhuluma ngaYe. Nokho, babeMthanda, babengazi ukuthi Wayevukile kwabafileyo.

132 Futhi abantu abaningi, namuhla, abayithanda ngempela iNkosi uJesu, phandle kulamabandla amakhulu emhlabeni jikelele, bayayithanda iNkosi, kodwa abazi ngempela ukuthi Ivukile kwabafileyo.

133 Qaphela. Lapho esahamba kanjalo, kwaphuma isiHambi emahlathini sase sibabingelela, "Sawubona ekuseni," mhlasimbe. Futhi bona, bonke bedabukile, baphukile, bethi, "O, ngangiMthanda. NgaMbona emi ngasethuneni likaLazaru, lapho umuntu wayesenezinsuku ezine efile, wayesethi, 'Lazaru, phuma.' O, lowoMuntu wayengake ehluleke kanjani na? Angaze Asenzele phansi kanje na? Manje simi ekudumazekeni nasehlazweni na? Sibuyela ekhaya ukuyoqala ukudoba nokubaza futhi." Niyabo?

134 Ingabe lokho akuyena nje umKristu wesimanje namuhla na? O, ukuphulukiswa makwenzeke, futhi bamemeza ukunqoba. AMandla kaMoya oNgcwele anawe, futhi bamemeza ngokunqoba. Futhi labo abagcwaliswe ngempela ngoMoya oNgcwele, bahlala benjalo phansi ohambweni lwempilo.

135 Kodwa umuntu osahamba ngomqondo wenyama, makuqhamuke ukudangala okuncane, kukhona okungahambi kahle, futhi bayahamba, bethi, "Awu, bengicabanga ukuthi kulungile, kodwa, o, he, kubuke manje. Ngangicabanga ukuthi lelo bandla elincane belingasoze lehluleka. Ngacabanga ukuthi lo muntu . . ." Unomqondo wakho entweni engalungile. Niyabo? Beka umqondo wakho kuYe ongeke ehluleke. Ingxoxo yakho mayingabi ngebandla lakho, kodwa ibe ngeNkosi yakho. Lowo nguYe. Hhayi ngomakhelwane wakho, kodwa ngeNkosi yakho. Izingxoxo zenu mazibe ngaYe.

136 Khona-ke, lapho behambisana bekhuluma; ngokuphazima kweso, uMuntu, uMuntu ojwayelekile nje . . .

137 Wayengeyena umbhali omkhulu. Wayengafundile. Wayengenamfundo. Ngokwazi kwethu, Akazange aye esikoleni usuku empilweni yaKhe, kodwa Wayenokuhlakanipha ngaphezu kwanoma yimuphi umuntu owake waphila. Kwathi abaFarisi bebona ukuhlakanipha kwaKhe bathi, "Wafunda kusiphi isikole na? Wavelaphi na? Uwatholaphi la Mazwi na? Yena ukwenza kanjani *lokhu* na? Thina . . . akezi neze ngamakolishi ethu. Akakhulumi njengomunye wabantu bakithi. Avelaphi la Mazwi na?" Futhi bakhubeka ngoba Wayengeyena oweqembu labo. Akazange Azihlanganise nabo. Wathi qekelele, egqama, ngokuba WayenguNkulunkulu.

138 Nango Emile, futhi Wazenza waziwa. Wathi, "Uma ningaNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo. Bayafakaza ukuthi uBaba uNgithumile." Wathi, "Nemfundo yaMi . . ." Ngamanye amazwi, kanje, "Uma imfundo yaMi ingakwanelisi ukulangazelela kwakho, uma iziqu zaMi . . . Okungukuthi, anginazo. Kodwa, iziqu zaMi, idiploma yaMi, ayiveli emakolishi enu. Idiploma yaMi yimisebenzi eNgiyenzayo, uBaba aNgithume yona. Iyidiploma yaMi." Leyo idiploma engcono kunawo onke engiyaziyo. Nkulunkulu, siphe amanye alawo madiploma! "Imisebenzi eNgiyenzayo iwubufakazi bokuthi uBaba uNgithumile. Uma lokho kungenele, ikholwe-ke esikhundleni saMi."

139 Manje Mqapheleni. O, ngiyaMthanda! Njengoba ngiMbona ehamba lapho, futhi Wathi, "Kungani nidabukile na? Yini ekwenza uzwela ngale ndlela na? Yeka usuku oluhle! Bheka ukuthi konke kubukeka kanjani!"

140 Wathi, "Ya," bathi, "siyazi, kodwa besithemba . . ." Bathi, "Ingabe Wena uyisihambi nje lapha na? Kungani," bathi, "Awazi yini ukuthi, uJesu waseNazaretha, iNdoda eyagunyazwa

nguNkulunkulu, ngezibonakaliso ezinkulu kanjalonjalo na? SaMlandela iminyaka emithathu nengxenye. Futhi—futhi uPilatu waMbethela. Futhi baMmbela, baMfaka ethuneni. Ngani," bathi, "sasinethemba lokuthi Uzoba yinkosi, umholi omkhulu. Futhi manje Ulele lapho, usethuneni, egqunyiwe, futhi elele ethuneni."

"Ngani," Wathi, "aniyazi imiBhalo na?"

141 O, ngiyakuthanda lokho! Wenzani na? Waqonda ngqo emiBhalweni, ukufakazisa amaphuzu aKhe. Futhi noma yimuphi uMoya kaNkulunkulu weqiniso uzoqonda ngqo emBhalweni.

142 Wenzani na? Wabuyela eTestamenteni eliDala, iziNcwadi zikaMose, futhi baqala ukukhuluma ngoMose nangabanye abahlukahlukene, ukuthi basho kanjani ukuthi uJesu wayezofika, ukuthi Wayezohlupheka kanjani nokuthi Wayezokwenzani. Wathi, "Anazi yini lokhu, umBhalo, iZwi na?" Wathi, "Anazi yini ukuthi leloZwi elalikhona emuva lapho lenziwe laphila na? Anazi yini ukuthi uKristu kwakufanele avuke kwabafileyo na? Futhi lapho . . . "

143 "Qha, besingakwazi lokho." Abantu abalungile, abaMthandayo, kodwa babengazi ukuthi Wayevukile kwabafileyo.

144 Kunjalo nanamhlanje, into efanayo namhlanje, ncamashi, mfowethu, dade. O, kwangathi uNkulunkulu angavusa ingaphakathi lakho! Abantu abaqondi ukuthi Uvukile kwabafileyo. Akafile. Uyaphila.

145 Futhi Waphuma, ngaphansi kokuzifihla. Wabonakala kubo esesimweni soMuntu.

146 Angahle abonakale kuwe ngesimo somakhelwane wakho. Angase abonakale kuwe ngesimo so—somfundisi, noma umama wakho. UKristu ubonakala kuwe kubantu. Khonake, phatha wonke umuntu ngokufanele, yiba nomusa, yibani ngomakhelwane, nibe nothando. UKristu usemuntwini. "UKristu kuwe, ithemba leNkazimulo." Futhi njengoba uqhubeka, futhi abantu babonakala kuwe, umuntu onomusa uqala ukukhuluma nawe, ubalalele. Awazi, kungenzeka kube nguJesu okhuluma nawe. Niyabo, Uyavela. "Ngizoba nani, ngisho kini. Futhi njengoba nenza kulaba, nenza kiMi."

147 O, uma usuqala ukukubheka ngaleyondlela, isiko elidala liyawa. Niyabo? Akubi uhlobo lwamagama, nokumenyezelwa kwamagama amaningi kakhulu ehlanganiswa ndawonye. Kuba iqiniso eliphilayo ukuthi uKristu ukithi manje. UMoya oNgcwele uhamba uye emuva naphambili, kuwo wonke umuntu, edabula ezinhliziyweni, ephenya, elahla izinsalela ukuphila phakathi lapho. Futhi njengoba ukuvuma, Uyakubamba phambi kukaNkulunkulu, neGazi liyakuhlanza. Amen.

148 Manje-ke, lapho behamba, manje bhekani, kwase kuqala ukuhwalala. O, ngiyakuthanda lokhu nje!

149 Ngifisa sengathi ngabe sinokunye okwengeziwe. . .O, he! Bengingazi ukuthi bengimude kangako.

150 Bhekani. Kwase kuhwalala. Ngizovala. Niqaphelile na? Manje lalelisisani. Kwase kuhwalala. Futhi Wenza sengathi Wayezodlula futhi abashiye, kodwa baMncenga ukuba angene.

151 Ngiyazibuza ukuthi kungakanani ukuncenga esiyokwenza namuhla na? Ngiyazibuza ukuthi wenza okungakanani njengamanje na? "O Nkosi, Ovukile, mangincenge Wena ukuba ungene enhliziyweni yami. Ngena nami. Ngifuna ukuKukholwa. Ngiphile impilo yobuKristu ephakathi nendawo, ngakho-ke mina. . .ngokukholwa nje olwazini lokukholwa, nokunye nokunye, ukukholwa kobuhlakani. Kodwa ngifuna ukwazi Wena eMandleni okuvuka kwaKho, ngokuba lesi yisikhathi kuphela engizodingeka ngenze amalungiselelo. Ngifuna ukwazi Wena lapho ngibeka ikhanda lami phansi ukuba lingaphinde livuke. Ngifuna ukwazi Wena eMandleni ovuko lwaKho. Angifuni nje ukuqagela ngakho. Ngifuna ukwazi Wena. Uzongena nje futhi uhlale nami na? Usuku seluphelile."

152 Qaphelani, ngenkathi bengena ngaphakathi, bavala iminyango, Wayengakhuluma nabo ngaleyonkathi. Yeka umehluko Awenza kulababantu! Bona bemi ogwini babengaMazi; babenaYe isikhathi eside. Kodwa ngenkathi, uKristu, ake wangaphakathi. . .

153 Hhayi uKristu *ngaphandle*, eLifunda, ethi, "Yebo, kunjalo." Kodwa uKristu *ngaphakathi*, ethi, "Kunjalo." Niyawuthola umehluko na? UKristu ngaphakathi! Futhi Wathi. . .

154 Uma eke waba ngaphakathi, umnyango uvaliwe. Khona-ke Wazibonakalisa Yena uqobo kubo, ngendlela Enze ngayo okuthize. Wathatha isinkwa Wasihlephula.

155 Futhi babheka, bathi, "Munye kuphela uMuntu emhlabeni owayengenza lokho, futhi lowo nguYe." Indlela Enze ngayo okuthize! Hhayi indlela Abumba ngayo intshumayelo yaKhe; ngoba babenenqwaba yezazi zezenkolo zenza lokho. Hhayi indlela Agqoka ngayo; ngesitayela saseHollywood, kuyoba njalo namuhla. Hhayi lokho. Kodwa, indlela eyenze ngayo okuthile, babazi ukuthi leyo kwakuyindlela yaKhe yokwenza. Namehlobo abo ayesevuleka. Base beMazi-ke.

156 Abazange baMazi izinsuku ezimbalwa. . .noma abafundi abaMbonanga ngaleyondlela. Abazange bavalelwe phakathi naYe. Abazange baMazi ngenkathi beMbona. Kodwa labo abake bavalelwa ngaphakathi, bazi ukuthi kwakuyiNkosi yabo.

157 Futhi ngifuna niqaphele okuthize. Eduze manje ngaphambi kokuvala, vala. Kwathi ekuseni kakhulu, lapho uMariya Magdalena noMarta babesethuneni, kuqala. Lalelani.

Okokuqala, ekuseni ngalolo suku, uKristu waZibonakalisa ebonakala phakathi kwabavuka ekuseni kakhulu. Futhi Akabange esakukhombisa futhi, phakathi nesikhathi sosuku, kwaze kwaba yisikhathi sokuhlwa. Wase-ke Ezazisa Yena uqobo futhi, ngokuba Wayengu-Alfa no-Omega.

Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela yeNkazimulo nakanjani niyoyithola.

158 Ngenkathi, uKristu ezazisa Yena uqobo ngosuku lwasekuqaleni nabaphostoli, ekuvukeni, ngezibonakaliso nezimangaliso ezenziwa uPetru, uJakobe, uJohane, kanye nabo. Wazazisa Yena uqobo kubantu (kanjani?) eMandleni okuvuka kwaKhe, (lalelani) ngezibonakaliso nezimangaliso nezimangaliso Azenzayo. Ingabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wazazisa Yena uqobo.

159 Manje sifinyelele osukwini olukhulu. Usuku seluhambile; ngabafundisi abakhulu, u-Augustine oNgcwele; kuze kwehlele kuMartin Luther, uJohn Wesley, uCalvin, uKnox, bonke labo; kwehle kuwo wonke unyaka we—weMethodisti, unyaka weBaptisti, unyaka weNazarene, unyaka wePilgrim Holiness, unyaka wePentecostal. Yonke leminyaka isidlulile. Ilanga liyashona.

160 Wathi, "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Kuyoba nosuku," kwasho umprofethi, "olungayikuba yimini, futhi aluyikuba ubusuku. Kuyoba njengenkungu nje."

161 Futhi, namuhla, yileyondlela umhlaba ohambe ngayo, kusukela ekuseni kokuqala kokuvuka kweNkosi uJesu, nalowonyaka webandla wokuqala emuva lapho, o—oNyakeni weBandla lase-Efesu. Wona impela unyaka wokuqala lapho, uNkulunkulu Uzazise ngezibonakaliso nezimanga nezimangaliso. Kwafiphala kobaba basekuqaleni. Kwehla kwedlua ebandleni eliKatolika, kuye enguqukweni, kwehle kudlule lapha. BabenokuKhanya okwenele ukukholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. BabenokuKhanya okwenele ukuMemukela njengoMsindisi womuntu siqu, futhi kuqhubekile kwehla. Kepha amafu, amafu obumnyama, abafundisi bebopha abantu, bethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Zonke lezi zinto sezadlula, eminyakeni eminingi edlule." Kube wusuku olumnyama. Hhayi olumnyama ngokuphelele; babekwazi ukuqhubeka nokuhamba, kodwa kwakungekuhle kakhulu.

162 Kodwa, mfowethu, uNkulunkulu wethembisa ngenkathi ilanga selishona emhlabeni wasentshonalanga, ukuthi kuzoba ngukuKhanya futhi, ngokuqiniseka nje njengezwe.

163 Leli Bhayibheli liyiNcwadi yasempumalanga. Libhalwe ngamasiko asempumalanga. Ibhalwe ngeyasempumalanga imann-. . . ulwimi, empumalanga. Ilanga liphuma empumalanga, lishona entshonalanga. Futhi kubantu basempumalanga, babenosuku lwabo lokuhanjelwa ekuvukeni

kokuqala. Nelanga selifikile kuyo yonke iminyaka. Nempucuko yaqala isuka empumalanga, iya entshonalanga. Futhi ngaphambi nje kokuba ilanga lishone lapha kulomkhathizwe osentshonalanga, kuzoba ngukuKhanya futhi. Yona kanye iNkosi uJesu evusiwe iyoza ngaMandla aYo afanayo. [UMfowethu Branham ungqongqothe kahlanu epulpiti—Umhl.] Njengoba AZazisa kuMariya Magdalena nabanye, ekuqaleni, UZazisa eMandleni okuvuka kwaKhe, onyakeni wokugcina. Kuphi na? Esikhathini sokuphela.

164 Wathi, "Ngena. Sekuhlwile. Usuku luchithwe kahle. Sekuyahwalala. Ngeke yini Ungene na?" Futhi baMngenisa.

165 Futhi lapho esengaphakathi, Wavula amehlo abo. Wenza okuthile. Bathi, "NguYe kuphela owayengakwenza."

Buka ukuthi babenjani. Babengukufika kosuku lonke.

166 Yilapho izithunywa zenkolo zehluleke khona. Siwagezile amabhodi okuwashela, ukusekela izithunywa zenkolo ezaya laphaya, ukuhambisa izincwajana. Sithumele laphaya ukuyofundisa isayense yezenkolo. Futhi kukhona uMuddha, uBuda, uMohamede, amaSikh, i. . . Zonke izinkolo ezehlukene zomhlaba ziphakathi lapho nesayense yazo yenkolo efanayo lokho kungaveza into efanayo ubuKristu obungayiveza, ngendlela yesayense ephathelene nengqondo. Kunjalo.

167 Futhi izwe, ingxenye eyodwa kuphela kwezintathu yabo, kulokhu ukusa kwePhasika, bayazi noma bake bezwa ngoJesu. Izingxenye ezimbili kwezintathu zomhlaba zikubukhomanisi nasebumnyameni. Izingxenye ezimbili kwezintathu zomhlaba azikaze zizwe ngoJesu noma ngokuvuka.

168 [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kabili—Umhl.] Kodwa, mfowethu, ngenkathi isehlakalo sase-Emawuse sifika eKleyophase, lapho amehlo abo evuleka, futhi baqonda ukuthi babengobani! Futhi, emizuzwini embalwa yesikhathi, bahamba behla ngamaphaseji esikhathi, babuyela eJerusalema, benezinyawo ezilula, benezinhliziyo ezilula, betshela abantu. "Siyazi ukuthi iNkosi yethu ivukile kwabafileyo, ngokuba siYibonile futhi siyazi ukuthi Ingokoqobo."

169 Okuyikho, yizinsuku zokugcina. UNkulunkulu uzophakamisa abantu ngemiyalezo, ngamandla, ngokukhululwa, ngamandla eVangeli, ukufakazisa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

170 Ngiyazi ukuthi kuzwakala kujabulisa. Akumangazi! Siphila esikhathini esijabulisayo. Yebo, kunjalo. Siphila ezinsukwini zokugcina. Lapho, uNkulunkulu, ngawo wonke umprofethi ongcwele, ngalo lonke iTestamente eLidala, ngeTestamente eLisha, uprofethile, ukuthi ngesikhathi sokuphela zona kanye izinto ezenzeka ekuqaleni ziyokwenzeka ngesikhathi sokuphela, futhi njengoba ubumnyama buyobaleka, nokuKhanya

kweVangeli kuyokhanya emihubheni yomhlaba, kanye futhi, ngaphambi kokuFika kweNkosi uJesu.

171 Uvukile kwabafileyo. Unguye izolo, namuhla, futhi uyoba phakade. UJesu Kristu wavuka kwabafileyo futhi uphila phakathi kwethu. Ngijabule kakhulu ngalokho. Inhliziyo yami ixhuxhuma ngale kwamazwi. Lapho, akufanele siqagele ngakho. KuliQiniso.

172 UNkulunkulu akubusise, mngane. Uma ungakwazi lokho . . . Unganaki ukuthi ubani oletha loMlayezo, kodwa nakana lokho uMlayezo okushoyo. Niyabo? Kukuwe wena ongaphandle kukaKristu. Uma ungaMazi eMandleni okuvuka kwaKhe, uma nje . . . Ungathathi imibono yengqondo ngakho. Ungakhulumi ngesayense yakho yezenkolo noma ukholo lwakho lobuhlakani; uma kukhona okungakaze kufakazise enhliziyweni yakho, futhi inhliziyo yakho idiciziwe ngaphandle futhi yaba ithuna elingenalutho (haleluya) ezintweni ezindala ezifile zezwe, futhi uKristu uvuse kabusha enhliziyweni yakho.

173 O Nkulunkulu, kulokhu ukusa, gingqa itshe lokungabaza. Lisuse.

174 Futhi sengathi Angavuka namuhla enhliziyweni yakho, futhi akwenze isidalwa esisha. Futhi ngikholwa ukuthi Uzofika enkundleni, emizuzwini embalwa, futhi uzokwenza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni.

Singakhuleka, sisakhothamisa amakhanda ethu.

175 Baba wethu waseZulwini, sesishiywa isikhathi. Ihora seliphelile. Kodwa, kwakusekupheleni kwehora lapho Wavela khona. SiyaKubonga ngamaZwi aKho obuNkulunkulu. SiyaKubonga ngaleliVangeli esilishumayelayo nesilikholwayo. SiyaKubonga ngaleliVangeli Oliqinisekisile ukuthi liyiQiniso.

176 Futhi manje, Nkosi Jesu, khuluma nemiphefumulo elahlekile. Abantu abaningi lapha, Nkosi, abaKuthandayo, kodwa ngempela abakaze baKwamukele. Uhamba nabo nsuku zonke. NguWe owabavimba ukuthi bangabulawa ngaleso sikhathi engozini. KwakunguWe owavimba isiphepho ukuba singaphephuli indlu ngalolo suku, ngalobobusuku. KwakunguWe owafika kubo ngesikhathi sokuhlupheka. KwakunguWe owabanika umsebenzi ngenkathi babengenawo. KwakunguWe owaduduza izinhliziyo zabo lapho abathandekayo babo beya ethuneni. Uhambe nabo, kodwa, nokho, abakwazi Wena.

177 Nkulunkulu, yipha namuhla ukuthi wonke umuntu lapha, ongaphandle kukaKristu, uzokwenza njengoba uKleyophase nomngane wakhe benza, "Woza uzohlala nathi. Usuku lwempilo yami luchithwe kahle. Ngena manje bese wenza indlela yaKho."

178 Futhi ngenkathi sisakhothamise amakhanda ethu, noma kuphi ngaphakathi noma ngaphandle, ngabe ukhona umuntu

lapha ongathi, ngokuphakamisa isandla kuNkulunkulu, kungesikho kumfowenu, kodwa kuNkulunkulu, "O, kukhona okwenzekayo enhliziyweni yami, kulokhu ukusa. Ngi—ngiyazi ukuthi kukhona okwenzeka enhliziyweni yami. A—Angisoze ngafana. Ngikholwa ukuthi kukhona okwenzekile selokhu ngingene kulesi sakhiwo kulokhukusa. Manje ngemukela uKristu enhliziyweni yami, njengoMsindisi wami. Ngifuna ukuphakamisa izandla zami kuNkulunkulu, bese ngithi, 'Nkulunkulu, ngilapha. Yilokhu konke engingakwenza nje ukuphakamisa isandla sami, ukukutshela ukuthi ngiyakukholwa.'"

179 Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kulungile. Noma ubani omunye, angaphakamisa isandla sakho, uthi, "Manje ngiyaMemukela"? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Lokho kuhle. Omunye umuntu?

180 Njengoba uphakamisa isandla sakho, uNkulunkulu wethembisa ukukunika ukuPhila okuphakade. "Ozwa amaZwi aMi akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade. Kayikuza ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

181 Ungasiphakamisa isandla sakho manje, uthi, "Nkosi, ngiyakholwa"? Akekho obukayo; nje iNkosi uJesu nami, uma ufuna. Vele uphakamise isandla sakho, uthi, "Manje ngiyaMemukela njengoMsindisi wami." Ungaphakamisa . . . UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. O, lokho kulungile, izandla ezingaba amashumi amabili nje. UNkulunkulu akubusise. Lokho kulungile.

182 Kwenzani kuwe na? Kukunika ukuPhila. Uphakamisele isandla sakho eNkosini, wathi, "Ngiyakukholwa."

183 UJesu wathi, "Okholwayo kasoze alahlwa; wedlula ekufeni wangena ekuPhileni." Njengamanje unokuPhila okungunaphakade. Awujabulile ngakho na?

184 Ngabe ukhona omunye ngaphambi kokuthi sikhuleke, omunye uzothi, "Mfowethu Branham, kulokhu ukusa kwePhasika, Mina manje, ngaphambi kokuba ngize ngibone izibonakaliso ezibonakalayo zokubonakala kukaKristu, uma Ezokwenza kanjalo, manje ngiyaMamukela ngaphambi kokuba ngibone noma yini. Angeke ngifane noTomase, ngilinde ngize ngiMbone futhi ngiMuzwe, kanjalonjalo, bese-ke ngithi. NgizoMemukela khona manje."

185 Wathi, "Mkhulu kangakanani umvuzo wabo, ongakaboni, ongakezwa, noma utho, kepha okholiwe!"

186 Ingabe ukhona omunye ongabeka isandla sakho phezulu, ngaphakathi noma ngaphandle na? UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe. Wena, dade, uNkulunkulu akubusise. Wena, dade, uNkulunkulu akubusise.

Kulungile, amakhanda ethu ekhotheme.

187 Baba wethu waseZulwini, Wena wathi, "Shumayela iZwi. Qinisa kuyisikhathi, kungesiso isikhathi. Sola, ukhuze ngakho konke ukubekezela nemfundiso." Singashumayeli elinye iVangeli ngaphandle kwalelo esiliphathisiwe. UKristu wafa, wabuya wavuka ngosuku lwesithathu, ngokwemiBhalo; manje uhlezi ezindaweni zaseZulwini, eBukhoneni boBukhosi bukaNkulunkulu, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Futhi Leli yiZwi laKhe, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade."

188 Futhi, namhlanje, kulona osheshisiwe, umlayezo ohlakazekile, abaningi baphakamise izandla zabo. Wena ubabonile. Ubungahluleka kanjani ngisho ukubabona, kuyilapho Wena wazi wonke umzwilili owela emgwaqeni! Uyawazi. UNkulunkulu omkhulu onamandla onke, Ubona konke, Wazi konke, futhi ungenza konke. Manje, ngokweZwi laKho, Ubasindisile laba esonweni, futhi siyaKubonga ngakho, Baba. Kwangathi impilo yabo ingaba yinde, ijabule. Kwangathi bangaKukhonza zonke izinsuku zokuphila kwabo.

189 Beza, kulobubusuku, uma bengakaze bacwiliswe, kwangathi bangeza futhi babhaphathizwe, bebiza iGama leNkosi, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele ngabo lobubusuku. Siphe khona, Nkulunkulu othandekayo. Sikucela eGameni likaKristu.

190 Manje, Baba, singena enkonzweni. Ngiyazi iZwi laKho alinakwehluleka. Lasho, ukuthi, edolobheni lakithi, "Inceku, edolobheni lakubo phakathi kwabantu." Kodwa, kabili, Nkosi, Ukuvumele ukuba kwenzeke, kuleminyaka eyishumi. Ngeke yini usiphe khona futhi namuhla na? YiPhasika, futhi izingqondo zethu zonke zisezintsha phezu kwemicabango yePhasika, phezu kokuvuka. Iseyintsha, kabusha, phezu kweVangeli, kulokhu ukusa, kusukela ekuLizweni lishunyayelwa kabili lapha. Futhi sifuna ukubona Wena, Nkosi. Futhi ngibatshelile abantu ukuthi Wena ulapha. Wena wathi Wawunjalo. Ubukhona yonke indawo, njalo. Ungeze manje futhi uthathe amathuluzi, empofu njengoba enjalo, Nkosi, enceku yaKho empofu na? Sebenza ngathi, namuhla, ukuthi abesilisa nowesifazane abahlezi lapha, nalabo abasanda kuKwamukela, uzobona abakwenzile; ukuthi Akuyona into engamanga; YiNkosi uJesu. O Nkulunkulu, siphe khona. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

191 O, he! Nizizwa nikahle na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngizizwa kanjalo nje, nakuba ngikhathele futhi ngikalajiwe. Likhazimula kanjani iZwi!

Manje, bangane, konke ukushumayela ebengingakwenza . . .

192 Ngi—ngithi uku . . . Namuhla, sengishumayele kabili. Kufanele ngiphuthume, kusasa, ukushayela. Ngifanele ngihambe ekuseni kakhulu ngiye eTacoma, eWashington,

ngidlulele eCanada. Futhi bebefuna ngindize nginyuke, ngibe sezinkonzweni kusasa, kodwa ngingahle ngishayele.

193 Ngakho-ke manje qaphelani, manje, konke ukushumayela ebengingakwenza; into eyodwa uKristu abengayenza, futhi kufaneleke zonke izinto ebengingazisho eminyakeni eyinkulungwane, kini, uma ningaphila ukukubona.

194 Manje ngifuna ukunibuza okuthize, futhi ngifuna nihloniphe kanjalo nje. Manje, abaningi benu bamile. Ngiyazi ukuthi nikhathele, kodwa ake usinikeze imizuzu embalwa. Manje, ngithatha lokhu . . .

195 Qondani, angisho ukuthi kuzokwenzeka. Mina, ngokukholwa, ukuthi ngicele uNkulunkulu ukuba enze njalo. Futhi ngiyaMcela manje ukuthi Uzoveza umhlangano lapha, njengoba Enza nje ensimini, ukuthi abantu lapha eJeffersonville bayokwazi ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo. Manje, sesibe nakho kabili.

196 Angazi ukuthi ngizobuya nini emva kwanamuhla, etabernakele, futhi. Ngiyalithanda leli elincane, ibandla elidala. Akukuningi kakhulu, kubantu abayizihambi kulo. Khona lapha yizinsalela zeminwe yami, nokho, kuleli pulpiti, iminyaka eyishumi nambili yokushumayela lapha. Ngineminyaka engamashumi amabili nantathu eVangelini manje.

197 O, ngihambe kude kakhulu ukuthi ngibheke ngisho emuva! O, sengibone okuningi kakhulu! Angikhathali ukuthi abantu bathini. Ngi—ngiyazi. Ngiyazi. Yebo, mnumzane. Akunandaba, uma umhlaba wonke usho okwehlukile. "Ngi—ngiyamazi Engimkholiwe, futhi ngikholisekile ukuthi Uyakwazi ukugcina lokho engikunikele kuYe okumelene nosuku."

198 Abaningi babangane abahlezi phakathi lapha, kanjalonjalo, abanye babo ngaphandle. Nginodokotela abangani bami abathi ababe babili abazoba khona namuhla, futhi.

199 Angiyena umuntu oshisekela ngokweqile. Mina nje . . . uma kuthatha . . . Uma ukubiza ngokuthi ukushisekela ngokweqile, ukukholwa ukuvuka kukaJesu, khona-ke ngingoshisekela ngokweqile. Kulungile. Ngiyakukholwa, ngayo yonke inhliziyo yami.

200 Manje, nansi impikiswano yami, ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo. Ngiyakholwa, uma Avuka kwabafileyo . . . Wathi, "Zona kanye lezo zinto eNgizenzayo nani niyakuzenza. Ngisho nangaphezu kwale niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi."

201 Futhi ngiyakholwa, lapha kulokhukusa kokuvuka, uma uNkulunkulu ezovela futhi lapha enkundleni, ngesimo ongazi ukuthi nguYe! Ungathanda ukuMbona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ungathanda ukufana noKleopas nabo, beza na? Manje-ke, uma uNkulunkulu ezokwenza lokho, nginitshele iQiniso leVangeli, manje-ke.

202 Manje, Ubeyokwenzani uma Ebezovela lapha kulokhu ukusa na? Angasho yini . . . Ungeza yini, uthi, "Ungangisindisa, Nkosi na?"

203 Ubezothini na? "Ngakwenza lokho mhla Ngifela wena eKalvari." Isizathu, lelo yiVangeli laKhe.

Wena uthi, "Ungangiphulukisa, Nkosi na?"

Yena uthi, "Ngakwenza lokho mhla Ngifela wena eKalvari."

204 Manje, into kuphela Ayengayenza, kuzoba ukukhombisa izibonakaliso nezimanga phakathi kwenu, lokho bekuyokwenza ukholwe futhi ukwamukele. Ingabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

205 Manje, ngicabanga ukuthi abafana bakhiphe amakhadi omkhuleko athile kulokhu ukusa. UBilly ungitshelile, emizuzwini embalwa edlule, wathi, "Aphelile, kancanyanyana nje." Kodwa babengenawo enele ukuba bahambahambe. Wenyuka ngemva kwamanye, futhi walahlekelwa yisikhathi sakhe sokukhuphuka. Ngenkathi eqala ukuphuma, ukuyolanda amanye amakhadi, kwase kuthi-ke uMfowethu Neville waqala ukucula u*Kholwa Kuphela*.

206 Futhi naba beza, begijima bekhuphukela lapho. NoMfowethu Wood nabo bakushilo, "Ngani, amaculo asevele aculiwe, nokunye nokunye," ngakho-ke ngidingeke ngiphuthume ngiqonde ezansi. Futhi abatholanga amakhadi amaningi kakhulu, mhlawumbe amashumi amahlanu noma ikhulu, into efana naleyo, ukuwakhipha, mhlawumbe. Singadlula kaningi ngangokunokwenzeka.

207 Manje ngifuna nikhiphe amakhadi enu amancane omkhuleko. Ikhadi eliyisikwele esincane. Linesithombe sami kulo, futhi ngemuva kwalo kunenombolo. Futhi sifuna ukufolisa abantu emgqeni, ngapha, futhi sibakhulekele, ngamaqembu nje lapho beza. Futhi sibakhulekele ngokusemandleni ethu.

208 Manje, nisakhipha amakhadi enu, futhi nizilungiselela, manje ngifuna niqaphele. Baningi phakathi lapha abangenawo amakhadi omkhuleko. Kukhona mhlawumbe ikhulu labantu phakathi lapha abangenawo amakhadi omkhuleko. Ikhadi lomkhuleko alisho lutho, lutho nhlobo. Okuwukuphela kwento elikushoyo ukuthi ube nokholo kuNkulunkulu.

209 UJesu wakhulekela abantu, kunjalo, futhi izikhathi eziningi Wayebatshela okwakungalungile. Kodwa Wathi . . . akakaze athi, "Ngikuphulukisile." Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Abantu abadlulayo . . .

210 Kwakukhona lowoBartimewu oyimpumputhe, emgwaqeni, ehlezi lapho, enxiba. UJesu ehamba, mhlawumbe eya kulelosango, lowomgwaqo osuka—lapho uBartimewu ayehlezi khona, wawusuka lapha ucishe uye ekhoneni elilandelayo. Futhi

nakhu kwehla uJesu. Futhi lapho lesosinxibi esiyimpumputhe sihlezi sincike odongeni laphaya, sidazuluka.

211 Abantu bayampongoloza, "Yeka lowo mshisekeli ngokweqile! Woza, mpepezi, kungani ungenzi isimangaliso futhi usibonise!"

212 Abanye bethi, "Hosana! Hosana! Yena uyiNkosi, ka—kaDavide, iNdodana kaDavide."

Futhi bonke, behlukene, bexubile.

213 NoJesu, eya ngaseKalvari, nobuso baKhe . . . Uya ngakukho. NgiyaMbona ehamba. Futhi impilo yaKhe encane, kuphela iminyaka engamashumi amathathu nanye ubudala, Wayebukeka emdala. Bathi Wayethi akabe na "mashumi amahlanu," kodwa Wayenamashumi amathathu nantathu kuphela. Futhi lapho Wayebeke ubuso baKhe, ngezono zezwe ziphezu kwaKhe, nakho konke ukugula okwake kwaba khona, kulenga kuYe. Futhi Wayebheke ngaseKalvari, ukuba abethelwe.

214 Nalesosinxibi esidala esiyimpumputhe laphaya, imikhono emanikiniki nakho konke, sithi, "Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele! Ngihawukele!"

Abantu bathi, "Hlala phansi!"

215 Kodwa uJesu wema; waphenduka, wabuka emuva ngaleya lapho, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." "Ukukholwa kwakho!"

216 Owesifazane omncane ompofu, kungekho okuningi ongakubuka. Wazicindezela esixukwini naphansi kwezinyawo zabo, waya lapho futhi wathinta ingubo yaKhe, wagijima wabuya waphuma lapho esixukwini ndawo ndawo futhi wahlala phansi.

217 UJesu wema, wathi, "Ubani oNgithintile na?" Waqalaza. Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

"Kungani uzindla enhliziyweni yakho na?" Wathi . . .

Owesifazane emthonjeni.

Wayecabanga ukuthi kufana ne me- . . . basho ke . . .

218 Ngenkathi uFiliphu eza kuYe, ngenkathi Yena . . . okokuqala kwenkonzo yaKhe. UJesu wayemi emgqeni womkhuleko, ekhulekela abagulayo.

219 Nangu uJesu, izolo. Lona kuzoba nguJesu, namuhla, ngokuba Uyafana. Ngenkathi lokho kuKhanya kwakulapho ekuseni, Kulapha kusihlwa, uJesu onguye; izolo nanamuhla, niyabo, ngokufanayo nje.

220 Futhi ngenkathi uJesu wayemi lapho, kwakukhona indoda eyasindiswa. Yagijima yase ilanda umngane wayo, obizwa ngoNathanayeli. Futhi ngakho wahamba walanda uNathanayeli. UFiliphu wahamba walanda uNathanayeli. Futhi wathola uNathanayeli ngaphansi kwesihlahla, ekhuleka.

221 Futhi kwathi uma esembuyisa . . . UJesu wayesefikile. Wasukuma ezithamelini, noma ngabe wayekuphi. UJesu wayelapho, ekhulekela abantu.

222 Wabheka ngaphandle, wathi, "Bheka um-Israyeli okungekho nkohliso kuye."

223 "Ngani," wathi, "Ungazi kanjani, Rabi na?" Noma, "mfundisi, mfundisi ohloniphekile," isihloko.

224 Wathi, "Ngani, ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, Ngakubona ngaphansi kwesihlahla."

225 "Ngani," abaFarisi bathi, "niyabo, Yena ungumbhuli. Ungudeveli. UnguBelzebule."

226 Kodwa uFiliphu wathini na? Wathini uNathanayeli na? Wagijima wayesewa phansi, wayesethi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli."

227 Wathi, "Ngoba Ngikutshelile lokhu, uyakholwa na? Uzobona okukhulu kunalokhu, ngoba uyikholwa. Niyabo? Uzobona okukhulu kunalokhu." Niyabo?

228 Manje, lowo nguJesu ofanayo namuhla. Manje asimise umugqa abantu abagulayo, futhi siqale ukubakhulekela.

229 Manje nina phandle lapho ezethamelini, ningenamakhadi omkhuleko, ngifuna nikholwe nje ngayo yonke inhliziyo yenu. UNkulunkulu uzoniphulukisa, nihlezi khona ezihlalweni zenu. Angaziphendula izinceku zaKhe futhi asho into efanayo Ayisho ngaleyonkathi. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

230 Manje ngizokutshela engifuna ukwenze. Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Ake sibone. Phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko lokuqala, elokuqala. Elesibili . . .

231 Shayani umugqa nga*lapha*. Manje, kufanele ngibathathe ngamunye ngesikhathi, ngoba asikwenzi . . . a—asinayo indawo yokuma.

232 Elesibili, ubani onekhadi lomkhuleko lesibili, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Ikhadi lomkhuleko . . . Lelinenekazi lapha. Elesithathu . . . Woza ngapha, ngaku*lolu* hlangothi, nenekazi. Elesine, onekhadi lomkhuleko . . .

233 Ubani onekhadi lomkhuleko lesithathu na? Angikholwa ukuthi ngimtholile lowo. Ikhadi lomkhuleko lesithathu.

Ikhadi lomkhuleko lesine.

234 Ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Ubani onekhadi lomkhuleko lesihlanu na? Inenekazi emuva lapho. Kulungile.

Ikhadi lomkhuleko lesithupha.

Elesikhombisa.

235 Ungeza ngapha ku*lolu* hlangothi, khona lapha. Manje ake, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa. Angazi

kanjani. . . Baletheni nga*le*ndlela, ngase. . . ngale emsamo, mhlasimbe, mhlawumbe. Kulungile. Ngokushesha nje eningakwenza. Umdlali wopiyano yena uzodlala u*Kholwa Kuphela*, uma uthanda.

Anginayo indlela yokwazi ukuthi ubani, kuphi, kanjani, nini, ubani.

236 Manje ake sibone ukuthi bangaki esingabasukumisa. Ungeza khona manje na? Lelo yikhadi lomkhuleko lokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa.

Ubani onelesishiyagalombili, ikhadi lomkhuleko lesishiyagalombili na? Khona lapho, ndodana.

237 Ikhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye. Phakamisa isandla sakho, noma ngubani onekhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye.

238 Mhlawumbe othile oyisithulu, futhi akakwazi ukuzwa. Bheka ikhadi lothile ohlezi eduze kwakho.

Ikhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye, ungasiphakamisa isandla sakho, isishiyagalolunye na?

239 Ingabe kukhona umuntu ongakwazi ukusukuma na? Uma ukhubazekile, awukwazi ukusukuma, bazokuthwala.

Ikhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye, mhlawumbe baphumile.

Ikhadi lomkhuleko leshumi. Kulungile, nenekazi, ngapha.

Ikhadi lomkhuleko leshumi nanye. Ngaleya *kulolo* hlangothi, mnumzane.

Ikhadi lomkhuleko leshumi nambili. Nga*lapha*, mnumzane.

Ikhadi lomkhuleko leshumi nantathu. Kulungile, nenekazi, nga*pha*.

Ikhadi lomkhuleko leshumi nane. Lapho, uneleshumi nane na?

Ishumi nanhlanu. Nga*lapha*, nenekazi, uma uthanda.

240 Kulungile, woza nje. Ngicabanga ukuthi uzohamba, mhlawumbe hamba ujikeleze, uma ukwazi, ezansi lapho, leso sikhala esiphakathi nezihlalo, wena, uma uthanda. Ngena khona lapho, Bill. Okungenani, yima khona lapha phakathi kwaleso sikhala esiphakathi nezihlalo. Kulungile. Kulungile. Bashayise umugqa lapho. Khona ezansi *lapha*, nenekazi. Nenekazi, khona ezansi lapho, dade othandekayo. Futhi udlule ngqo emugqeni.

241 Ake sibone ukuthi bangaki esibatholayo ukuba bashaye umugqa. Ake silinde umzuzu nje, kulokhu manje, umzuzu nje. [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.]

242 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Yibani nilokhu nihlezi, yibani nilokhu nizolile, ngokuthula. Manje, lena yindlu kaNkulunkulu. Kulungile. Thatha lowomthandazo . . .

243 [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uthini? Uthini? Kulungile, singabeka abanye abambalwa na? Kulungile. Ikhadi lomkhuleko . . .

244 Ngabe ngiyeke kuphi na? Yebo. Lithini ikhadi lakho lomkhuleko, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Ishumi nane."—Umhl.] Ishumi nane. Kulungile.

245 Ikhadi lomkhuleko leshumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili.

246 Nga*le* ndlela, nenekazi. Khuphuka nga*leyo*ndlela, nga*leyo*ndlela, hamba nga*leyo*ndlela. Kulungile. Lokho kuzokwenza cishe abaningi njengoba singama. Hamba nga*leyo*ndlela, nenekazi. Bazokunakekela, uma uthanda. Kulungile.

247 [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uthini na? Awu, lokho kulungile. Lokho kuyokwanela njengoba singama khona manje, kanjalo nje.

248 Ini? Ingabe ikhala lentombazane encane liyopha, dadewethu na? Ake sime nje, imizuzu embalwa. Ningakhothamisa amakhanda enu umzuzwana nje. [UMfowethu Branham ushiya umbhobho wasepulpiti futhi uya emntwaneni—Umhl.]

249 Baba, eGameni loMntwana waKho othandekayo, iNkosi uJesu, siyakhuleka ukuthi Uzothinta lomntwana, Nkulunkulu. Nqamula igazi. Kwangathi lingayeka manje. Malidunyiswe iGama laKho. Ngokuba, siyakukhuza lokhu kugeleza kwegazi, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

250 [UMfowethu Branham ukhulumela phansi komunye bese ebuyela epulpiti—Umhl.]

Kulungile, asigcine amakhanda ethu ekhotheme manje, umzuzu.

251 Nkosi uJesu, abemi ezethamelini, namuhla, bangabaningi abalindile. SiyaKubonga ngamandla aKho okuphulukisa. Manje siyacela, ngayo yonke inhliziyo yethu, Nkosi, ukuthi Uzosipha izinto esizicelile. Kwenzele inkazimulo kaNkulunkulu. Siyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

252 Kulungile, manje, asihlonipheni ngokuzithoba nje njengoba singakwazi. Khumbula, angazi. Konke lokhu kungukuphuma kuNkulunkulu nje.

253 Manje, lapho—lapho ngabantu abasemgqeni womkhuleko engibaziyo. UMfowethu Wood emi lapho, ngiyamazi. Ngiyamazi owesibili, umuntu wesithathu ngemuva kwalowo. Ngiyabazi. Ngiyalazi leli nenekazi elihlezi lapha, inenekazi lokuqala. Angazi ukuthi yini engalungile ngalo kodwa ngiyazi ukuthi lilapho. Ngicabanga ukuthi lokho kumayelana nomkhawulo lalowo engimaziyo emgqeni womkhuleko.

254 Baningi phandle lapha e—engingamazi. Nina ngokwenu ningofakazi balezi zinto, ukuthi anginazi. Kodwa uJesu Kristu uyanazi, Akanazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

255 Manje bangaki phandle lapho abangenawo amakhadi omkhuleko, futhi nifuna ukuphulukiswa, empeleni na? Phakamisani izandla zenu, phezulu kakhulu, phezulu kakhulu. Lokho kulungile. UNkulunkulu anibusise, kulungile, ngaphandle kwamakhadi omkhuleko. Manje ngicela nenze lokhu. Uma uMoya oNgcwele ufika futhi ugcoba, bhekani ngapha futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Bhekani nje, bese nithi, "Nkosi, ngiyakholwa ngempela ngenhliziyo yami yonke." Uma nizokwenza lokho, uNkulunkulu uzonipha ukuphiliswa kwenu. "Ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke." Manje, unganyakazi. Hlonipha ngokuzithoba ngempela. Hlonipha ngokuzithoba ngakho konke.

Manje asiphinde sikhuleke.

256 Manje ngifuna ukunibuza, namakhanda enu ekhotheme. Uma uJesu evukile kwabafileyo. . . Manje, lokhu akusikho ukuniphulukisa. Lokhu kuwubufakazi bokuthi Uvukile kwabafileyo. Uma uJesu Kristu evukile kwabafileyo, mayelana nensindiso nokuphulukiswa, Usevele ukuthengile lokho eKalvari. Ngabe kunjalo na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akukho Ayengakwenza; kuphela, enze okuthile, indlela yesibonakaliso noma isimanga, lokho bekungakwenza wazi ukuthi Uvukile kwabafileyo. Uma Ebengenza lokho ngesinye isikhathi, izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, benifanele niMemukele. Ngabe kunjalo na? ["Amen."] Uzokwenza na? Uma uthanda, phakamisa izandla zakho. Uma Ezokwenza into eyodwa njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni, uzokwemukela na? UNkulunkulu akubusise. Amaphesenti ayikhulu.

257 Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzoba nesihawu. Futhi manje, ngenxa yenkazimulo yaKho, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona khona lapha, namuhla, etabernakele, ukukuxazulula ingunaphakade, ukuthi Wena uvukile kwabafileyo. Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngicela lesisibusiso ngenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

258 Manje, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nangenxa yaMandla okuvuka kwaKhe, ngenxa yokuba namandla onke kukaNkulunkulu, Manje ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu. Ngakho-ke, yenza njengoba utsheliwe.

259 Futhi manje ngifuna lelonenekazi, *lapha*, ukuba livele lime khona lapha eduze kombhobho. Ngiyalazi inenekazi. Ngi—ngicabanga ukuthi igama lalo nguSutton, anginaphutha-. . . [Udade uthi, "Qhabo. Cobb, manje."—Umhl.] O, Cobb, ngiyaxolisa. Futhi ngike ngambona owesifazane ngaphambilini,

ngakho-ke uyeza lapha etabernakele kanye ngankathi. Futhi manje, kodwa, angazi lutho ngokuthi yini engalungile ngaye. Kodwa manje indlela kuphela ebengiyoba nayo yokwazi lokho, bekungaba ngenye indlela uNkulunkulu abengangitshela ngayo. Akunjalo, Nkk. . . [“Yebo, kunjalo.”] Cobb? [“Kunjalo.”] Cobb? Kulungile. Cobb, bekuyoba, ingabe igama lakho manje na? [“Yebo.”] Kulungile. Kulungile.

260 Nkk. Cobb, ukuphela kwendlela engingazi ngayo ukuthi yini ebingalungile ngawe, bekungaba uNkulunkulu angambulele khona. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Futhi, manje-ke, uma Eyokwenza lokho, lokho bekuyofanele kufike ngaMandla angaphezu kwawemvelo okungesiwo awomuntu. Bekuzofanele kuvele eMandleni obuNkulunkulu. Akunjalo na? [“Kulungile.”] Bese kuthi-ke, ekwenzeni kanjalo, lokho ngabe lokho bekungakwenza ukholwe ukuthi nginitshele iQiniso ngokuvuka kwaKhe na? [“Yebo.”] Niyabo?

261 Ingabe kuzokwenza ukukholwe, mngani na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

262 Manje, bekungathiwani—wani ukube uJesu ubemi lapha nalesudu engiyigqokile Angipha yona na? [Udade uthi, “Mayibongwe iNkosi!”—Umhl.] Niyabo? Futhi Yena—futhi Yena wayemi lapha, uma kunjalo . . .

263 Manje, owesifazane angase abe nenkathazo yezezimali. Angase abe nezinkathazo yasekhaya. Angase abe nezinkathazo zokugula. Angazi. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Angazi. Angikwazi ukukutshela. Kungenzeka ukuthi kukhona akwenzile empilweni yakhe, okubangele noma ngabe yini lokho inkathazo yakhe eyikho ukuba ize phezu kwakhe. Angazi. UNkulunkulu uyazi. Mina angazi.

264 Kodwa, Angangitshela. Awu, yilokho okuyikho. UJesu wathi, “Angenzi lutho ngaphandle kokuthi uBaba aNgikhombise.” Kufanele kudlule ngalokho.

265 Manje, engikwenzayo kulo wesifazane lapha, angeke kube ukufunda umqondo wakhe. Qha, mnumzane. UNkulunkulu angavumi. UNkulunkulu uyazi ukuthi lokho akulungile. Ngeke kube njalo. UNkulunkulu oseZulwini, njengomahluleli wami, uyazi ukuthi lokho akunjalo. Lokho akulungile, niyabo. Kungesikho ukufunda ingqondo yakhe.

266 Kodwa, kuyoba ngaMandla okuvuka, uJesu Kristu eBandleni laKhe. Bukani uPetru kanye nabo, ngenkathi bema lapho futhi babuka phezu kwabantu. Ukuthi uPawulu nabanye abahlukahlukene babebabheka kanjani abantu, futhi babona ukuthi kwakunezinto ezithile ezingalungile.

267 UJesu ekhuluma nowesifazane emthonjeni, Waxoxisana naye. Manje, sonke siyakwazi lokho, uJohane oNgcwele i—isahluko se 4. Wakhuluma nowesifazane emthonjeni. Futhi

esakhuluma nowesifazane emthonjeni, Wayebamba umoya wakhe nje.

268 UBaba wayeMtshele ukuthi akhuphuke ngendlela yaseSamariya. IJeriko yilapho Ayeya khona. Kwakuqonde phansi *kanje*, ukusuka eJerusalema. Kodwa Wahamba wazungeza, iSamariya, ngoba iNkosi yaMtshela ukuba akhuphukele lapho.

269 Futhi Wahlala lapho emthonjeni; wamukisa abafundi bakhe. Wayazi ukuthi owesifazane wayeza. Lapho efika nembiza yakhe yamanzi, Wathi, "Ngiphuzise."

Wathi, "Akulona isiko ukuthi Wena ungicele okunjalo."

270 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuyocela Mina okuphuzwayo. BeNgizokunika amanzi ongezanga ukuzowakha lapha."

271 Ingabe kunjalo na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Khona-ke, ngemva kokuba ingxoxo isiqhubeke isikhashana, Ekugcineni wathola khona impela lapho inkathazo yakhe yayikhona. ["Yebo."] Wathi, "Hamba uyolanda indoda yakho." ["Yebo."]

Wathi, "Anginayo."

272 Wathi, "Kunjalo. Kunjalo." Wathi, "Ubunamahlanu futhi nale onayo manje akuyona indoda yakho."

273 Wathi, "Ngiyabona ukuthi Wena ungumProfethi. Ngiyazi uma uMesiya efika Uyokwenza lokhu, ngokuba Uzositshela izinto." [Udade uthi, "Ngiyabonga Nkulunkulu."—Umhl.] "Kodwa ungubani Wena na?"

Wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

274 [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Manje, lowo bekunguJesu izolo. ["Ngiyabonga Nkosi."] Lowo nguJesu namuhla. ["Malibongwe iGama laKhe."] Manje, ukuze . . .

275 Kuwe, nenekazi, ukuphela kwendlela engingazi ngayo, kufanele kube uhlobo oluthile lokuxhumana phakathi kwami nawe, kanye noNkulunkulu, lokho bekuyokwenza kwaziwe. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.]

276 Wake wasibona leso sithombe abasithatha seNgelosi yeNkosi imi eduze kwami, lokho kuKhanya, uyazi? [Udade uthi, "Yebo, ngisibonile."—Umhl.] Wena, usubonile ezinye salezo na? ["Ngisibonile. Ngisibonile."]

277 Lake bandla . . . O, niKubonile, lapha ebandleni, kusobala. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

278 Manje, Yilokho engizama ukukusondeza kithi manje. Manje, lokho kuKhanya kuyiNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, okwakunguJesu Kristu, kunjalo, iNgelosi yesivumelwano. Yayisesimweni esingaphezu kwemvelo ngaleyonkathi, sokuKhanya.

279 Wehla, wayeyinyama. Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi ngibuyela kuNkulunkulu."

280 "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona." *Izwe* ngo "ngakholwayo." "NizoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani, kuze kube sekupheleni kwezwe."

281 [Udade uthi, "O, makadunyiswe uNkulunkulu. Yebo, mayibongwe iNkosi."—Umhl.] Manje, iNkosi mayibusiswe! Futhi niyazi ukuthi mina . . . mina . . . kukhona okwenzekayo.

282 Manje, ezethamelini, ngifuna nihloniphe ngokuzithoba. Kodwa, manje, lokho kuKhanya okufanayo, makabongwe uNkulunkulu, kungena lapha ngakwesokunene sami. Kuhamba phakathi kwami nowesifazane. Manje ukuphila kwakhe bekungeke kufihlwe.

283 Manje, dadewethu, Ukuthi okuphezu kwakho manje akusikho okuzokulimaza. [Udade ukhala kakhulu—Umhl.] Okokusiza wena. Iyona kuphela indlela yensindiso. ["Yebo. Mayibongwe iNkosi."] Wena, ulapha . . .

284 Qha, awuhlali lapha edolobheni. Uhlala eNew Albany. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uhlala eNew Albany. ["Makadunyiswe uNkulunkulu."] Futhi ungaphansi—ungaphansi kokunakekelwa udokotela. Nodokotela ukutshelile ukuthi luhlobo oluthile lwento, into ethize emphinjeni. Okunye . . . Kuyisimo sokuncinana emthanjeni yomoya emaphinjeni wakho. Futhi wanitshela, futhi waniluleka, ukuba nihambe kuleli zwe, ukuba nisuke lapha, ukuthi yiyona ndlela kuphela ongaphila ngayo. ["Yebo. Kunjalo."] Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ingakuphilisa lokhu na? ["Yebo. Makabongwe uNkulunkulu."]

Asikhothamise amakhanda ethu.

285 Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla phezu kowesifazane, ngenkathi esosogcobweni lukaMoya oNgcwele, Ngiyayilahla lenkathazo, Oyiphulukisele yena eKalvari, futhi ngicele ukuthi ahambe ayokhululeka. EGameni likaJesu Kristu ngiyakhuleka. Amen.

286 [Udade uyamemeza, kuwo wonke umkhuleko kaMfowethu Branham, bese ethi, "Ngiyabonga Nkosi."—Umhl.]

287 Hamba ngokuthula, dadewethu, futhi uNkulunkulu akubusise futhi abe nawe, kungumkhuleko wami. [Udade uqhubeka nokukhala lapho ebuyela esihlalweni sakhe—Umhl.]

288 Manje, kwangathi iNkosi ingabusiswa! Hlonipha ngokuzithoba manje. Bheka. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi.

289 Ngifuna ubuke ngapha, nenekazi. Manje, Lowo Okhona . . . siseBukhoneni baKhe, wazi zonke izinto, futhi uyakwazi kusukela ekuqaleni. Ukufunzile konke ukudla oke wakudla. Wazi konke ngawe. Kungenzeka ngingakwazi, kodwa

uNkulunkulu uyakwazi. Uyazi ukuthi ungubani, uvelaphi, konke ngawe, ukuthi wenzeni empilweni yakho. Futhi nguYe kuphela Ongakuphulukisa, noma akwenzele lokho ofisa kwenziwe. Wena uyazi ukuthi angikwazi. UNkulunkulu yedwa ubeyofanele akwembule kimi. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Ingabe iqiniso lelo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. ["Kuyiqiniso."] Kulungile, bheka ngapha umzuzwana nje.

290 [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.] Umzuzwana nje. Manje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba.

291 Nansi iNgelosi yeNkosi imi khona *lapha*, nje... Ingaphezudlwana... Ingaphezu kwale ntombazanyana ehlezi khona lapha. Intombazanyana ilapho nabathandiweyo bayo. Umntwana uhlushwa uhlobo oluthile lwesimo emphinjeni wakhe. Kuyisimo somphimbo, isimo samathansela. Kunjalo, akunjalo, mnumzane na? Beka isandla sakho phezu kwakhe.

Nkosi Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, uSathane udaluliwe.

292 Futhi ngiyalikhuza lelo dimoni elibambe intombazane. Phuma kuyo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

293 Mfowethu, usuhambe amabanga amade, ukuzoletha umntwana. Kodwa ungakhathazeki, umyisa ekhaya manje ukuze aphile. Ukukholwa kwakho kukusindisile.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.]

294 Awusuye owaseJeffersonville, nawe. Uvela kude neJeffersonville. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Uvela empumalanga, uza entshonalanga, ngenkathi ufika lapha. ["Ngivela e-Edinburgh."] Futhi uvela... wehla ngomgwaqo, u—umgwaqo okhonkiwe. Futhi uvela edolobheni elithi ukuba ngakwesokudla somgwaqo. Kuwuhlobo oluthile lodaba lukahulumeni ngalapho. Yi-Edinburgh, e-Indiana. ["Kunjalo."] Ungowase-Edinburgh, e-Indiana. ["Kunjalo."] Futhi igama lakho, ngiyalibona kulokho, nguDenton. ["Kunjalo."] Futhi igama lakho, nguDenton. ["Mayibongwe iNkosi."] Futhi uhlushwa inkathazo yenhliziyo. ["Yebo."] Buyela ekhaya uphilile. Ukukholwa kwakho kuyakuphulukisa futhi kuyakusindisa, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Kwangathi ungahamba futhi usinde. Amen. UNkulunkulu akubusise. ["Mayibongwe iNkosi!"]

295 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Manje, kubantu, yibani nokukholwa! Ningangabazi. Kholwa nje manje. NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he! Lokhu, hhayi mina; Yena, UnguJesu ovusiweyo. NguYe olapha, futhi ekwenza. Lezi yizinto ezifanayo Azenza, kunjalo, zona impela izinto ezifanayo Azenza.

296 Manje, nenekazi, mina nawe sihlangana lapha kulokhu ukusa. UNkulunkulu uyasazi sobabili. Angazi lutho ngawe. Uyakwazi lokho. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyangazi. NoMoya waKhe ulapha phakathi kwethu.

297 Ngifuna ukunibuza okuthize ukuze lelitabernakele lazi. Impilo yakho yonke, awukaze uzizwe njengoba uzizwa njengamanje, kunjalo, ngoba useBukhoneni boMuntu waKhe onamandla onke. Nake nasibona lesosithombe sokuKhanya na? Yilokho kanye okwenza uzizwe ngaleyo ndlela. Ngiphila kwelinye izwe ngaleso sikhathi. Ngiyakubona, ngiyaqaphela nje kukhona omi phambi kwami. Futhi uyazi ukuthi ngonothando, omnandi, umuzwa ozithobile. Leyo yiNkosi uJesu eyavuka kwabafileyo. Wabuyela ekuPhileni koMoya, uNkulunkulu. Futhi manje Ulapha kanye nathi. Kuze kube sekupheleni kwezwe, Uyoba nathi.

298 Wena ungumKristu. Uyikholwa. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Futhi awuzimele lapha ngesingawe. Umele indoda lapha, futhi leyondoda ingumyeni wakho. Futhi leyo ndoda inesibhono. Futhi enye into, ngiyambona, uphuza ebhareni. Ungohlulwa wuphuzo. Yena, uyaphuza. Futhi uzele ukukhululwa endodeni. Ngabe kunjalo na? Manje uyazi, nenekazi, lezozinto zingaphezu kwanoma yimuphi umqondo womuntu. Akunjalo na? ["Kunjalo."] Lokho kufanele kwembulwe nguNkulunkulu. Uyakukholwa manje na? ["Ngiyakukholwa."]

299 UNkulunkulu uSomandla, Owavusa uJesu kwabafileyo, futhi silapha namhlanje sithokozela isibusiso sokuvuka. Ngiyakubusisa lokhu, incekukazi yaKho, futhi sengathi ingakwamukela lokho ekucelile. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

300 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Hambani, namukele noma yini eniyicelile. UNkulunkulu akuphe khona.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

301 Kulungile, mnumzane, ngibheke. Ngiqonde ukuthi, hhayi ukubheka . . . Ngiqonde ukuthi, njengoPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa eLihle, bathi, "Sibheke." Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Asazani; mhlasimbe isikhathi sokuqala ngqa usokuthi sike sibonane. Ingabe lokhu ukuvakasha kwethu kokuqala, naninini, isikhathi sokubonana na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile. Khona-ke, singeziphelele, izihambi ngokuphelele. ["Kunjalo."] Angikaze ngikubone, futhi awukaze ungibone. Futhi silapha, amadoda amabili ahlangana lapha empilweni. UNkulunkulu uyasazi sobabili, Akanjalo, mnumzane na? ["Uyasazi."] Impela uyasazi. Futhi manje uma kukhona noma yini ephathelene nawe . . .

302 [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.] Kukhona okwenzekile. Manje hloniphani ngokuzithoba, wonke umuntu. [UMfowethu Branham uyathula.]

303 Yinenekazi elihlezi lapha, elikhulekayo, khona emuva *lapha*. Likhathazwa ukuqunjelwa. Sukuma, umzuzu nje, nenekazi. Lelo yiqiniso, akusilo na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Futhi unokubhakuza ngasenhliziyweni yakho. Akukho lutho ngaphandle kokuqunjelwa, ngoba unovalo futhi ucasukile. Kodwa uya ekhaya ukuze usinde. [“NgiyaKubonga, Jesu.”] Ngikubona kukhanya ngakuwe, lapho bekumnyama khona. [“NgiyaKubonga, Jesu.”] Ungesabi. Nje . . .

304 Niyabo, awulidingi ikhadi lomkhuleko. Okuwukuphela kwento oyidingayo ukukholwa. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

305 [Udade uthi, “Jesu, ngiyaKubonga, Nkosi.”—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, nenekazi. [“NgiyaKubonga Jesu.”] Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. [“NgiyaKubonga Jesu.”]

306 Manje, njengoba umoya omubi uqala ukuhamba unqamula lesi sigaba *lapha*. Kukhona obizayo. Umkhuleko usuwenziwe. Ngibona umugqa omnyama usuka kowesifazane uya kowesilisa. Kuyinto embi, futhi ingaphansi kobambo. Ngibona ukuxilongwa. O, yindoda encane ehlezi *lapha*, ikhuleka, isula amehlo ayo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Yiba nokukholwa! Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Ungemukela ngendlela efanayo na? Manje, into efanayo engalungile kuwena ayilungile kulowo wesifazane ohlezi ngaleya engibuka ngqo ekugcineni kohlu, khona lapho egqoke isigqoko esiyindilinga esincane. Kukhona intambo emnyama. Inenekazi libheke ekhanda lalelinenekazi, lingibhekile khona lapha, liphakamise isandla salo. Yilokhoke, nenekazi. Kulungile. Nakhu, kusuka komunye kuya komunye. Ngamandla amabi, edonsa; umudwa omnyama. Wena unenkathazo, ingaphansi kohlangothi lwakho lapha. Kuyisimo senyongo. Lelo nenekazi laphaya linaso. Nobabili niphulikisiwe. UJesu Kristu uyanisindisa. Lawo mandla amabi azohamba, futhi nizokhululwa. Amen.

307 [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.] Yiba nokukholwa! [UMfowethu Branham uyama futhi. Ibandla likhuleka ngokuzwakala kakhulu.] Manje, umzuzwana nje. UMoya oNgcwele usezethamelini, usebenza nabantu laphaya.

308 Lelonenekazi liphakamise izandla zalo, kukhona inenekazi elihlezi eduze kwalo ngqo, engibona ukuhlolwa kwalo. Linento engalungile emgudwini wamathumbu. Kunjalo, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Unenkathazo yamathumbu. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Uyamamukela uJesu manje njengomphulukisi wakho na? EGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, Olapha

ukwazisa, yemukela ukuphulukiswa kwakho eGameni likaJesu Kristu.

309 Ngibona inenekazi linento ethile izungeze ikhanda layo. Kubonakala sengathi...O, yinenekazi elihlezi emva kwalo impela, inenekazi lesibili elihlezi phakathi lapho. Liphethwa uhlobo oluthile lokuphathwa yikhanda. Njalo, ukuphathwa yikhanda. Libheke ngakimi. Uyakholwa, nenekazi, uhlezi lapho, omncane, owesifazane osempunga, ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Sekuphelile. Ungagoduka manje. Kukushiyile, khona lapho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Vayizelisa isandla sakho phezulu, uma lokho kunjalo. Sekuhambile kuwe. Uphulukisiwe.

310 O, malibongwe iGama leNkosi uJesu! Woza, ukholwa. UMoya oNgcwele uhamba emgqeni. O, kumangalisa kanjani! UyaMkholwa na? [Ibandla liyajabula—Umhl.] Buka ukuthi Wenzeni! Ngifisa sengathi ngingachazela ibandla lami ukuthi uyini lo muzwa, kanjani ukuthi, kwelinye izwe, ufanele uzibuze ukuthi ngabe usetabernakele ngempela, noma qha. Hloniphani ngokuzithoba. Hloniphani ngokuzithoba.

311 Ngibona othile evela kude, kude. Kungena e—endaweni. Yindoda. Ivela ezweni elinezihlahla eziningi. Yi-Virginia. Ihlushwa yisifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa futhi uyakusindisa na? Uyakwamukela na? Uyakwemukela na? Uvela eVirginia, lapha, ukuba uzophulukiswa esifweni samathambo. Akunjalo na? Yonke indlela...Yebo, mnumzane. Usuphulukisiwe manje. Ungabuyela emuva. Nenkathazo yenhliziyo yakho isikushiyile. Phuma emgqeni bese ubuyela emuva, usindile. UNkulunkulu uyakusindisa. Ukukholwa kwakho kukusindisile.

312 Kholwa eNkosini uJesu Kristu! Uyakholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ubufakazi obungenaphutha bokuvuka kwaKhe! [UMfowethu Branham uyathula.] Yiba nokukholwa!

313 Manje, ngiyaxolisa, mnumzane. Ngiyaxolisa ukukubamba. A—Angikwazi ukulawula lokhu. Kuyangilawula; hhayi mina Khona. Kuyangilawula. Ngingasho ukuthi ngiphelelwa amandla kakhulu. Kodwa ngiyazi ukuthi ngiseduze kothile, indoda enekhanda elimpunga. Thina si...Ngiyazi ukuthi ugqoke izibuko. Okungukuthi, lokho kungaba yinto engalungile ngawe, kungaba amehlo akho. Kodwa uNkulunkulu wazi konke ngawe, mnumzane. Kunjalo. Wena ulapha ukuze uphulukiswe e—e... Ukwethuka kwakho, uphatheke kabi ngempela. Kubangelwa i—inkathazo yendlala. Unenkathazo yendlala. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Futhi nawe unenkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Unayo. Futhi, bheka, ngibona okwakho...Angikaze

ngikubone empilweni yami. Kodwa ama-inishela akho ngu-A. A. Miller. Kulungile, useMount Valley. Usendleleni yakho eya ekhaya, ukuba usinde. UNkulunkulu akubusise. Hamba, uthokoza, futhi ukholwe.

314 Mnu. Mills, kulula kuwe. Manje ufanele uhambe, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ngiyisihambi kuwe, angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Ngabe kunjalo na? Uzwa sengathi konke sekuhambile, kulungile manje na? UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya futhi usinde.

Nonke!

315 Kuyini ukuvuvuka kwenhliziyo, kuNkulunkulu na? Angayilungisa noma nini. Angakuthumela emuva eCampbellsburg, noma ngabe kukuphi, owesifazane ophile kahle. Uyakukholwa na? Angikwazi. Angikaze ngikubone empilweni yami. Ngiyisihambi kuwe. Kodwa Uyakwazi, nokuthi ungubani, nokuthi uvelaphi. Ngabe kunjalo na? Ukwambulele khona. Ngabe kunjalo na? Awu, uyakholwa yilolugcobo olukimi manje, olukwaziyo nakho konke ngawe, (angikaze ngikubone ngaphambilini), uma ngibeka izandla zami phezu kwakho, uzosinda na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.]

316 EGameni likaJesu Kristu, ngikhuza udeveli. Sathane, uyadalulwa. Usudonse laba bantu kumisele isikhathi eside ngokwanele. Phuma kowesifazane, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hamba endleleni yakho, ujabule.

317 Inkathazo isemhlane wakho, kodwa uNkulunkulu angakusindisa. Angekwazi na? Angakuphulukisa! Uyakholwa ukuthi Ukwenzile na? Uma ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke! EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngiyakukhuza lokhu kugula. Kwangathi ungahamba fundi usinde. UNkunkulu akubusise. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

318 Woza, uzoza yini. Ngenhliziyo yakho yonke, manje, uyakholwa na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngiyisihambi kuwe. Angikwazi, angazi lutho ngawe. Angikaze ngikubone empilweni yami, ngokwazi kwami. Kodwa uNkulunkulu uSomandla uyakwazi. Akakwazi na? Wazi konke ngawe. Uyazi ukuthi ungubani, wazi konke. Angazi, anginayo indlela yokwazi, kodwa Yena unayo. Kodwa uyakholwa ukuthi umi eBukhoneni, hhayi bomfowenu, kodwa baLowo owabuka owesifazane futhi wamtshela ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe na? ["Yebo."] Ngiyabona, phakathi kwami nawe kuza itafula, futhi uyahlehla kulo. Unenkathazo yesisu. Lokho kubangelwa isilonda sasemathunjini i-peptic esiswini. Manje hamba uyodla idina lakho. UJesu Kristu uyakuphilisa. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. ["Mayibongwe iNkosi! Mayibongwe iNkosi!"]

319 Woza, mfo osemncane. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [Umfowethu uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Ngomphefumulo wakho wonke, uyakwamukela na? Ngiyisihambi kuwe, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Akunjalo na? ["Yebo. Kunjalo."] Ufuna ukudlula enkathazweni yenhliziyo futhi usinde na? ["Ngiyafuna."] Kulungile, hamba ngendlela yakho, uthokoza. ["Haleluya!"] Ukukholwa kwakho kuyakuphilisa, kuyakuphulukisa futhi kukwenza usinde.

320 Uzoza, nenekazi na? Ubunenkathazo yesisu, futhi. Futhi ngenkathi lelonenekazi liphulukiswa emizuzwini embalwa edlule, linenkathazo yesisu, umuzwa ongavamile ngempela wehlela phezu kwakho, akunjalo na? Uphulukisiwe, ngesikhathi esifanayo. Hamba endleleni yakho, futhi udle idina lakho, futhi usinde.

321 Kukhona engifuna ukukusho, mfowethu. UNkulunkulu uyakwazi. Phakathi kwami nawe kumi ithunzi elimnyama. Yisifo esibulala abantu abaningi kunanoma yini enye. Yinkathazo yenhliziyo. Unokuvuza enhliziyweni yakho, futhi bakutshela ukuthi awukwazi ukudlula kukho. Kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi ungakwazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa khona manje na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] EGameni likaJesu Kristu, yemukela ukuphiliswa kwakho, futhi usuke kulomsamo uyindoda esindile. Hamba, unika uNkulunkulu udumo nenkazimulo! ["NgiyaKubonga, Nkosi yami."]

322 Into efanayo ibingalungile ngawe. Kubangelwa inhliziyo enokwethuka, nokho, isimo sakho. Kunjalo. Manje uyakholwa ukuthi usuphulukisiwe na? Khona-ke buyela ekhaya lakho, uthokoza, futhi usinde kube inkazimulo kaNkulunkulu.

323 Bheka lapha, nenekazi. Uyakholwa na? Umzuzwana nje. [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.] Siyizihambi komunye nomunye. Asazani.

324 Kodwa kukhona ukushaqeka okubi okuvela emsamo... noma, umphakathi, ngenkathi inenekazi lenyukela lapha. O, kuphezu kwazo zonke izethameli.

325 Buka ngapha, umzuzu nje. Uyazi, nenekazi, mina angikaze ngikubone empilweni yami, angazi lutho ngawe. NguNkulunkulu yedwa owaziyo. Kodwa, ngiyakubona, u—uphatheke kabi ngakho konke. Ukuba nokwethuka. Unokwehluleka kwengqondo, futhi u—uqathaza izinto ngaso sonke isikhathi. Ngiyakubona uqathaza izitsha nezinto. Futhi ubukhuleka, ngaphambi nje kokuba uze lapha, esihlalweni, uhlezi eduze kwephansi. Futhi ucele uNkulunkulu, uma ungafika lapha futhi ngibeke izandla phezu kwakho, uzosinda. Lelo yiqiniso. Akunjalo na? Phakamisa izandla zakho. Kunjalo.

Ngumoya. Leyonto ingaphezu kwezethameli.

326 Lelonenekazi elincane elihlezi khona *lapho*, uthisha weBhayibheli, ehlezi lapho ehlushwa yinto efanayo. Udeveli uqamba amanga kuwe, nenekazi. Usukulungele ukukhululwa.

327 Bukani lapho, endlini yonke, lapha, yonke indawo. Nakhu kuhlezi omunye khona *lapha*. *Laphaya* ngoyedwa khona ngaleya. Nangu uyedwa *lapha*. O!

328 Nonke nina eninenkinga yokwethuka, yimani ngezinyawo zenu umzuzu nje. Uma nithanda, yima ngezinyawo zenu.

Manje khothamisani amakhanda enu, wonke umuntu.

329 O, Sathane, wena moya omubi! Udaluliwe. Phuma kulababantu. Ngiyakukhuza, eGameni likaJesu Kristu. Bayeke lababantu. Phuma.

330 Buka lapha manje, nenekazi. Umzuzwana nje. Manje usukhululekile. Konke sekukushiyile. Ngifuna ukubuza... Nonke uphulukisiwe. Iqembu lonke lenu liphulukisiwe. Ububi bukushiyile. Manje uzizwa uthule ngempela. [Udade uthi, "Ya."—Umhl.] Usulungile manje. Manje hamba endleleni yakho, ujabule, uthokoza, ubonga uNkulunkulu ngakho. Kulungile.

331 Woza, mnumzane. Mina nawe siyizihambi komunye nomunye. Asazani. Angikaze ngikubone, empilweni yami. UNkulunkulu uyakwazi. [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.] Buka lapha, mnumzane. Ake ungibheke umzuzwana nje.

332 Manje, ezethamelini. Nasi isihambi. Angikaze ngiyibone indoda. Angiyazi, angikaze ngiyibone. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Ngokwazi kwami, angikaze ngiyibone, empilweni yami.

333 Kepha ngiyamemezela ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo, ukuthi izinto ezifanayo uJesu azenza ngenkathi Elapha e—emzimbeni ongawubona, ukhona lapha namuhla enza into efanayo. Uvukile kwabafileyo, uphila kuze kube phakade. Abusisiwe amehlo enu abona lezi zinto futhi akholwe eNkosini uJesu!

334 Le ndoda, isihambi. Angikaze ngiyibone, futhi mhlawumbe ayikaze ingibone. Uma ngi...Uma ngake ngambona, uNkulunkulu uyazi ukuthi angikukhumbuli. Uthe ubeyisihambi kimi. Kodwa uNkulunkulu uyamazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula, kuleyondoda emi lapho, isihambi ngokuphelele kimi, khona impela nje okungalungile ngayo, konke mayelana nakho; ngitshele ukuthi yini engalungile ngayo, noma ngabe kuyini, futhi uyazi ukuthi angazi lutho ngakho, nizomemukela uKristu njengomphulukisi wenu, nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

335 Isakhiwo sesiqalile ukufiphala futhi sabuya. Ukube kuphela nisibonile isizathu sokuthi ngikhulume nani, bangane! Uya kwelinye izwe. Uyindawo ehlukile. Usezansi le emgudwini wesikhathi, empilweni yothile, ubabona, ukuthi bangobani

nokuthi bakuphi. Awuqondi. Ngiyaqonda ukuthi akwenzi, akusebenzi ngokuphelele phakathi lapha, ngoba kusekhaya. Kunjalo. Kodwa uyabona ukuthi Uvukile kwabafileyo. Uyabona ukuthi ngikutshele iqiniso.

336 Manje ngibheke, mnumzane, umzuzu nje, ukuze nje mina nawe sixhumane neNkosi uJesu. Uma ngiyinceku yaKhe, uJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza."

337 "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," lowo ngongakholwayo. Baphumele emidlalweni yebhola nokubhukuda, nokunye nokunye. Abasoze baMbona.

338 "Kodwa nina niyoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani, kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

339 Manje-ke, uma Evusiwe kwabafileyo, futhi Umi lapha kulokhu ukusa, futhi lokhu kugcotshwa enginakho manje akusikho okwami, kodwa kungokwaKhe. Khona-ke ubungeke ufihle impilo yakho uma ubudingeka, ngoba siyaxhumana omunye nomunye, ngoBuntu boMoya. Uma uNkulunkulu engambula kimi lokho okumele lapho, uzokwamukela ngenhliziyo yakho yonke na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uzokwenza na? ["Yebo, mnumzane."]

340 Uhlushwa yinkathazo yesisu. [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Kunjalo impela. Futhi isizathu sakho, yingenxa yokuthi uyi. . . Kubangelwa kusuka esimweni sokwethuka. Futhi akukhona ukwethuka, ngaphandle, ukwethuka okuthuthumelayo. Ngiyabona ungumcabangi ojulile. Uhlezi uhlela okuthile, uwela amabhuloho ngaphambi kokuba uze ufike kuwo. Wenza izinto ezingakaze zenzeke, futhi uke watshelwa lokho ngaphambilini. Kunjalo. Kodwa akubasizi ngalutho ukukutshela, ngoba. . . Kodwa manje kuzobasiza, ngoba usuphulukisiwe. Ubuyela ekhaya ungumuntu osindile. UJesu Kristu ukuphilisile.

341 EGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, ngikhuza yonke imimoya emibi ehlasele lendoda. Futhi sengathi ingahamba ngokuthula, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

342 [Umfowethu uthi, "Ngiyabonga mfowethu. Futhi ngizokukhumbula, futhi."—Umhl.] UNkulunkulu akubusise.

343 Uyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Inhliziyo yakho yonke na? ["Amen."] Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu wavuka ngePhasika na? ["Amen."] Uyakholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha manje na? ["Amen."] Uzongilalela njengomprofethi waKhe na? ["Amen."] Uma nizokwenza, njengoba kunjalo, nonke ningaphulukiswa khona manje. Wonke umuntu ophakathi lapha angenziwa asinde. Niyakukholwa na? ["Amen."]

Khona-ke khothamisa ikhanda lakho.

344 Nkulunkulu uSomandla, mqambi wokuPhila, muphi wazo zonke izipho, thumela isibusiso saKho sobuNkulunkulu phezu kwalezizethameli. Futhi manje njengoba uMoya waKho uhamba, nalezizethameli lapha kulesisimo, ngikhuza wonke umoya ongcolile, lonke idemoni elibophe abantu abagulayo. UKristu ulapha, Owavula iminyango futhi wakhulula abathunjwa, futhi bonke bakhululekile ngoba uJesu wavuka kwabafileyo futhi uyazifakazela Yena uqobo lapha namhlanje.

Sathane, phuma kubantu, eGameni likaJesu Kristu.

345 Futhi ake wonke umuntu okholwayo manje . . . Angikhathali ukuthi yisiphi isimo. Nina enisezindukwini zokuqhugela lapho, sukumani. Wonke umuntu sukuma, eGameni likaJesu Kristu, futhi usinde futhi uphulukiswe.

